# *Impumputhe UBartimewu*

Ngiyabonga, Mfowethu . . . ? . . .

2 Ningahlala phansi. Ngiyajabula ngempela ukubuya futhi, kulobubusuku. Bengikhuluma nonkosikazi maduze nje, futhi ngimtshelile, ngathi, "Ubufanele ngabe usezansi, S'thandwa." Ufanele anakekele abantwana, kusobala, futhi basesikoleni, abafo abancane. Futhi ngamtshela, ngathi, "Uthola ukuhlangana nabanye abantu abanomoya omuhle kunabo bonke ezweni khona lapha eTexas, eLouisiana, laba baseningizimu lapha." Ngifisa sengathi bengingaya ekhaya nomunye ngamunye wenu, ngineqiniso ukuthi ngingaba nophuthu olumahhadlahhadla okokudla kwasekuseni, iphalishi lommbila, lokho kuhle, lokho ukuphila; uphizi onamehlo amnyama, nemifino katheniphu, isinkwa sommbila, akukho lutho olungcono engilwaziyo. Lokho kuhle.

3 Uthando lukaNkulunkulu lusenzela izinto ezixakile, alukwenzi na? Ukuthi luzibopha kanjani izinhliziyo zethu, futhi lusibopha ndawonye sengathi akukho okunye okuzokwenza, uthando lukaNkulunkulu!

4 Kusasa ebusuku ngukuvala kwethu kwalomkhankaso, futhi ngifanele ngihlangane nabaningi babazalwane, futhi ngibabona, futhi mina nje, lona ngumkhankaso owodwa engizonda ngempela ukuwubona uvalwa, kungukuthi nje, bebebahle kakhulu, wonke umuntu muhle kakhulu.

5 Futhi umama wami wayengowaseParis, eTexas, ngiqagele ngingowaseTexas kancanyana nje. Ngakho—ngakho ngempela ngicabanga ukuthi ninezwe elimangalisayo. Futhi okwenza noma yiliphi izwe ngabantu okulo, kuhle. ILouisiana, iGeorgia, ne-Alabama, nazo zonke lezizifundazwe ezingaseningizimu, bakhuluma ngokuphatha kahle izihambi kwaseningizimu, yiqiniso lelo.

6 Futhi kulobubusuku siyahlela manje . . . Ngicele uMfowethu Moore ukuba angikhulumele kancane, noDon, ukuze ngingeke ngidingeke ukuba ngishumayele. Futhi nje, izolo ebusuku sibe nomdlalo omncane wasesiteji, indaba encane, mhlawumbe besingaba nomunye waleyo emincinyane kulobubusuku, ngaphambi nje kokuba ngikhulekele abagulayo.

7 Bese kuthi-ke kusasa ebusuku, ngiyethemba, mhlawumbe, uma kuzoba yintando yeNkosi, ngithanda ukukhuluma kini futhi, mhlawumbe endikimbeni, intshumayelo enkonzweni yokuvala. Impela siyakuthakasela konke enikwenzile, nibe kakhulu, ngempela, nabakahle kakhulu.

8 Futhi ngiyajabula ukuthi uthando lukaNkulunkulu lusenza sifinyelele ngale, kude le. Singabona izinto esingakaze sizibone phambilini. Futhi ngezinye izikhathi imihlangano onjengalona unokuthonya okukhethekile phezu kwabantu ukubathonya uku—uku—ukuthola umbono walokho uNkulunkulu akuqondile, ngicabanga ukuthi ku—kuyabasiza abantu.

9 Manje, kulobubusuku mina, ngaphambi kokuba sivule umBhalo, ngifuna ukusho ukuthi ngifuna ukulinda ngize ngiqale ukukhulekela abagulayo ngaphambi kokuba ngikhulekele phezu kwalamaduku amancane, nezindwangu, nokunye nokunye, kumbe noma kungaba yini. Futhi manje, uma nigeja ukubeka okukodwa phezulu lapha, ngifisa sengathi beningathumela, nithole okukodwa, empeleni. Kumahhala, asikhokhisi lutho. Ngisho nezincwadi zethu, omunye umuntu uyaziprinta, futhi eziningi sizithenga ngesephulelo samaphesenti angamashumi amane, ukuze sizilethe. Futhi awu . . .

10 Kusobala abenzi lutho kulezozincwadi, ngenxa yokulahlekelwa esinakho kuzo, nomonakalo. Futhi bengihlale ngitshela abafana, uma kufika umuntu othize futhi bebengenamali yokuyithola futhi beyifuna, banike yona. Niyabo? Nje mababe nayo, noma kanjani. Kodwa lezozincwadi ziprintiwe, enye yazo nguJulius Stadsklev, ezimbili noma ezintathu zazo, nanguMfowethu Lindsay, kanjalonjalo. Futhi sizithenga nge, ngiyacabanga, sekwephulwe ngamaphesenti angamashumi amane, ngicabanga ukuthi yilokho okuyikho, futhi nokho, abafana bayakunakekela lokho.

11 Asinahlelo lwemali, imali ayikho ngisho kukho nhlobo. Umfundisi wangibiza ngolunye usuku, wayesethi, "Manje, luyini uhlelo lwakho lwezezimali na? Sifanele sibe nemali engakanani na?"

Ngathi, "Lutho."

Wayesethi, "Awu, uziphilisa ngani na?"

12 Ngathi, "Awu, ngokwejwayelekile ekupheleni kwenkonzo banikela umnikelo wothando," ngathi, "uma bona, abantu bezizwa bethanda ukukwenza; uma bengakwenzi, ngani, lokho kulunge ngokuphelele, futhi." Futhi uma—uma bengazikhokhi izindleko, kufakeni lokho ezindlekweni, futhi asikulungise. Uma bengakwenzi lokho, khona-ke sizothumela ekhaya futhi sivumele ibandla lami likumele. Sifuna njalo ukuthwala lelogama lokungalokothi . . .

13 Bengingeke ngivumele neyodwa yamadoda ami ukuba ike, ike, inxibe noma icele imali. Lapho sekufika kuleyondawo, sekuyisikhathi sami sokuba ngiphume ensimini-ke. Niyabo? Yebo. Uma uNkulunkulu engahlinzeki ngokuphana konke esikudingayo, sekuyisikhathi sokuhamba. Ngicabanga ukuthi eminingi umhlangano woniwe yikho konke lokho "Ubani ozonikeza okuyishumi na? Ubani ozonikeza okuyisihlanu na?"

Angikuthandi lokho. Yinye kuphela into engithanda ukuzwa ngayo, ukuthi—ukuthi . . .

14 Ngabe kukhona engikushilo okungalungile na? Ngi—ngithemba ukuthi angishongo lutho olungalungile, bengizwakalisa nje inhliziyo yami, ngendlela nje engizizwele ngayo. Kodwa ngikholwa ukuthi yinye kuphela into engifuna uyinikele, nikela inhliziyo yakho kuKristu, yilokho kuphela engikudingayo, nikela nje inhliziyo yakho kuKristu, yilokho esikuzele lapha. Futhi ngakho ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye, uma nje nizokwenza lokho.

15 Futhi manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini kulobubusuku, asikhuleke, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Ubani ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni kulobubusuku nje na? Ethi, "Ngikhumbule, Nkosi, ngi—ngiyadinga. Khumbula isicelo sami, Nkosi."

16 Baba wethu waseZulwini, siza sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa. Besingeke size sisondela ebulungisweni, ngoba besingekumele, besingeke sisondele emthethweni waKho, ngoba awunakuhlengwa, kodwa sisondela kuJesu, Oyisihawu saKho, futhi siza sicela umusa wobuNkulunkulu phezu kwethu sonke.

17 Sithethelele amaphutha ethu, namaphutha ethu, nezinto esizenzile, noma sazisho, noma ngisho sazicabanga obekungalungile.

18 Futhi asikholwa ukuthi singcwele, Nkosi, siyakholwa ukuthi akusiyo intaba engcwele, kodwa uNkulunkulu oNgcwele entabeni, akusilo ibandla elingcwele, kodwa uMoya oNgcwele ebandleni, akusibo abantu abangcwele, uMoya oNgcwele. Ngakho, Baba, siyakhuleka manje, ukuthi uMoya oNgcwele uzosebenzana nathi ngomusa kulobubusuku njengoba sibhekene nabagulayo nabahluphekile. Nkosi, bamnene, futhi bayagula, futhi bayadinga.

19 Futhi asazi ukuthi kwenziwa kanjani, ukuthi senzeni, Nkosi, ngimile lapha phakathi kwemibono emibili ngalesisikhathi, nje ukuthi ngisondele kanjani endabeni encane lapha, ngingazi uma Ubungayibusisa ezinhliziyweni zabantu. Kwangathi ngingakwazi ukusho into ethize ezokhuthaza ukukholwa, ezoshukumisa isiphiwo esiphakathi kwabantu, ukuze bemukele ukuphulukiswa kwabo kulobubusuku. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

20 Phezu kwakho konke, Nkosi, lowomphefumulo oguliswa yisono ohlezi lapha, noma ngabe ukuphi, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi bazobona ukuKhanya kwemini kuphuma, futhi kuzofika futhi kubuyiselwe ngeGazi leNkosi uJesu elichithiwe. Siphe khona.

21 Ngikhulekela lesisigejane esihle sezinceku zaKho ezithengwe eKalvari lapha emva kwami, Nkosi. Ngizizwa ngimncane kakhulu ukuma phandle lapha emsamo ngaphambi kwalawomadoda, futhi amanye awo ayeshumayela iVangeli ngenkathi ngisengumfana oyisoni nje. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa lezozinhliziyo ezingamaqhawe. Kwangathi bangabambelela ndawonye, Nkosi, ngothando lukaNkulunkulu olubazongolezile ngangokuthi, Baba, ukuthi bazo—bazophumelela kunoma yini abayenzayo. Kwangathi bangaba yizinceku ezingamaqhawe ukuletha uKristu kubantu kulelihora lokuvala lomlando wezwe.

22 Phulukisa bonke abagulayo nabahluphekile, kokubili umphefumulo nomzimba, Baba, siyakhuleka. Sibusise ndawonye, njengoba silinda phezu kweZwi laKho manje, ngokuba sikucela, eGameni likaJesu. Amen.

23 Ngale eNcwadini yeVangeli likaLuka oNgcwele, isahluko 18 nevesi 38:

> *Yayisimemeza,...Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele.*

24 Futhi evesini 42:

> *...UJesu wathi...Yemukela ukubona kwakho: ukukholwa kwakho kukusindisile.*

25 Indaba yethu encane iqala kulobubusuku, futhi kwakungokupholile, ukusa kwasentwasahlobo ngasohlangothini olungasempumalanga nje lwesango laseJeriko lapho umgwaqo wehla khona uvela eJerusalema. Kwakukade kungubusuku obubi kumfo ompofu, wayengakwazanga nhlobo ukulala, wavele nje washukuma, wayevuka, futhi eshukuma. Lobobusuku obesabekayo, siyazi ukuthi buyini, iningi lethu sonke. Uhlushwa ukwethuka, futhi kwakubonakala sengathi kwakukade kungubusuku obesabekayo.

26 Yena, futhi ngenkathi esukuma, futhi wayeseleyithi ukuwelela esikhundleni sakhe, lapho ayenza khona umsebenzi wakhe wansuku zonke ngokunxiba. Kwakukhona izinxibi eziningi edolobheni nasezweni ngalezozinsuku, izwe elimpofu kakhulu, nabantu abampofu ngaphansi kobugqila boMbuso wamaRoma. Izinxibi zazifanele zifike esitaladini kusesekuseni impela, futhi yileso naleso sasinendawo lapho esasihlala khona, eyayabelwe sona. Futhi zazima lapho, futhi lapho abahwebi behla ngesitaladi, zazikhalela izipho.

27 Futhi umhwebi, mhlampe, isinxibi sokuqala ahlangana naso futhi usinika ingxenye yemali, ngani, lokho mhlawumbe kwakuqeda okosuku, ngoba wayengenakukwazi ukunikeza okuningi kakhulu, ngoba mhlawumbe wayengenakukwazi usuku ngalunye ukunikeza uhlamvu lwemali, udenariyu wamaRoma, noma okuthize, kungahle kube yinqwaba kuye. Ngakho, wafaka uhlamvu lwakhe lwemali, wase-ke eqhubeka.

Futhi mhlawumbe umfo olandelayo wathola uhlamvu lwemali komunye umuntu.

28 Kodwa bafanele babe lapho kuse-eli ngenkathi abahwebi bengena ezindaweni zabo, ibhizinisi, nezimakethe. Kwakunezindawo eziningi izinxibi ezazingeke zizimele, ngakho aye, amasosha ayezozabela indawo, futhi zazifanele zime lapho.

29 Futhi umngane wethu kulobubusuku njengoba simazi njengoBartimewu, abanye babo bakubiza ngokuthi u*Bartimewu*, ngani, simthola sekuleyithi emsebenzini wakhe wokugada. Futhi indawo yakhe yayingaphandle nje ngasenyakatho yesango, lapho ayema khona esangweni ukuba abambe abahwebi lapho bengena, futhi wayebukeka sengathi wayenendawo enhle kakhulu. Futhi wayekade eyimpumputhe kusukela esengumfo omncane.

30 Futhi ngalobobusuku. . .Isizathu sokuba abe leyithi ngalokho kusa, sizosho, futhi, ukukwenza umdlalo wasesiteji, ukuthi wayephuphe ubusuku bonke ukuthi wayengaphinde abone futhi, wayecabange ukuthi angaphinde azibone izibhakabhaka, nezinkanyezi, nokukhanya kwelanga. Kodwa manje, wayehlala ezweni kuye uqobo, evalelwe wonke ebumnyameni, ephuphuthekile.

31 Ngicabanga ukuthi kungenye yezinto ezesabekayo kakhulu ngumuntu oyimpumputhe. Futhi ngiyadabuka lapho ngibona owesilisa noma owesifazane esitaladini naleyokheyini emhlophe, engqofoza. Izikhathi eziningi ngimise imoto yami, futhi ngagijimela ngale, futhi ngibona umama othize ompofu esezongena esigxotsheni, noma okuthize, ehla ngesitaladi, futhi ngimsize awele, omunye umfo osemncane, noma ikhehla. Ubumpumputhe, ngicabanga ukuthi yinto edabukisa kakhulu.

32 Kodwa ngi. . .Ku—kukhona ubumpumputhe obubi kakhulu kunobumpumputhe benyama, lobo ngubumpumputhe bokomoya. Ngiyabadabukela kakhulu kunoma ngenza ngempumputhe yenyama. Ngakho kungani izinhliziyo zethu zingafinyeleli kubo, esikhundleni sokubalahla na? Asibathande, khona-ke bazobona ukuKhanya, uma nje uzobathanda. Izwe liyafa, hhayi ngezomnotho ezingcono; ibandla liyafa, hhayi ngenxa ngezakhiwo ezingcono, ihlelo elikhulu ngokuthe xaxa, kodwa liyafa ukuba umuntu mumbe alule isandla sothando, ukukhombisa ukuthi siyakhathalelana. Futhi yileso impela isibonakaliso uJesu asitshela ukuthi, "Ngalokho bonke abantu bayokwazi ukuthi beningabafundi baMi," lapho sinothando omunye komunye.

33 Bengicabanga ngempumputhe, kuphumile kancane endabeni yami, kodwa akusukile futhi, kwakukhona uFanny Crosby oyimpumputhe, ubengabona kangcono kunabantu abaningi onamehlo amabili amahle. Bazama ukumthola, ngesinye isikhathi, ukuba abhale umculo noma izinkondlo zezwe

lomdanso, nezokuzijabulisa zezwe, futhi wala ukukwenza, ngakho babehlekisa ngaye.

34 Ngacabanga, "Umehluko onje pho phakathi kwakhe, nothile osemncane, umfana oyiPentecostal, owokhele umhlaba ngomculo wokuzibinya!" Bengihlale ngicabanga ukuthi mubi kakhulu kunoJuda. UJuda, u-Esawu wathengisa ngobuzibulo bakhe. Futhi into embi kabi leyonsizwa ezodingeka iziphendulele ngayo ngoSuku lokwaHlulelwa, wathumela emininingi imiphefumulo esihogweni kunawo onke amajoyinti ogweva akhona ezweni. Kunjalo.

35 Kwase kuthi-ke, ngenkathi uFanny Crosby, ngoluny'usuku ngenkathi beza kuye nalokhu kuthengiselana okukhulu, wayempofu, naye, futhi beza kuye, base bethi, "Sizokunika *okukhulu kangaka*, uma nje uzonikela ngethalente lakho ekwenzeni amaculo ezwe lezokuzijabulisa," wakwenqaba ngokuphelele, wayengeke akwenze.

Wathi, "Uma kukhona noma yini enginayo, kungokukaKristu."

36 Futhi ngakho bona, amadoda ayekhuluma naye, athi, "Khona-ke ngicabanga ukuthi ubheke ukuya eZweni lapho kukhona ukuPhila okuphakade, kanjalonjalo na?"

Wathi, "Yebo."

"Ngakho ulindele ukuthi loKristu abe yini na?"

Wathi, "Uzoba nguMuntu."

Futhi bathi, "Manje-ke uma ufana laphaya njengoba unjalo ulapha," bathi, "angeke neze umbone," bathi, "uphuphuthekile."

Wathi, "O, ngizoMazi, noma kanjani."

37 Ngakho bathi, "Ubungaze umazi kanjani, uma usalokhu uyimpumputhe laphaya, njengoba ungakaze ube nokubona kulokhu ukuphila na? Futhi ngakolunye uhlangothi, uma ungaboni lapho, ubuyomazi kanjani-ke na?"

Wathi, "NgizoMazi."

38 Futhi bamhleka, futhi waphenduka waqala ukudabula endlini. Lapho esenze isinqumo sakhe, "Qhabo, mnumzane, akukho okwezwe! Lonke ithalente lami linikezwe uKristu." Futhi bathi . . . Waqala emuva ngapheseya kwendlu futhi waphakamisa isandla sakhe, wathi:

> NgiyoMazi, ngiyoMazi,
> Futhi ngihlengiwe ngiyoma eceleni kwaKhe;
> NgiyoMazi, ngiyoMazi
> Ngemilobo yezipikili esandleni saKhe.

39 Yilezo ezinkulu, izikhathi ezibucayi ukuthi u—ubunzima bubekwe phezu kwethu ukuthi uNkulunkulu uyangena, lapho senzela Yena isinqumo. Lokho kuphakathi kokuPhila nokufa, lobobukhali obuncane. Ngesinye isikhathi ngomzuzwana

wokugcina lapho ucabanga ukuthi awuzukusinda, futhi omunye umuntu uhlekisa ngawe, usalokhu ubambe ubufakazi bakho, yilesosikhathi uNkulunkulu angena ngaso.

40 UBartimewu wayefike enkundleni esethe ukuba leyithi. Ngakho, kwakusekuseni kakhulu kwasentwasahlobo, ngiyakholwa, ngo-Ephreli, ngoba kwakuseduze kwePhasika. Nezingubo zakhe zonke zazimanikiniki, ngiyacabanga. Futhi wakhuphukela esangweni, kwakuthule, ngakho wathi, "Awu, ngileyithi kancane ngoba ngilale ngokweqile." Kodwa ilanga ezibhakabhakeni zasePalestine lali nje, mhlampe, liphuma empumalanga, futhi yena ethi ukuba ngasenyakatho waphosa i . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . phezu kogange, lapho uNkulunkulu aluzamazamisa khona, lapho uJoshuwa engena.

41 Ake sicabange ukuthi wazitholela idwala, wayesehlala phansi ekukhanyeni kwelanga, wathi, "Awu, mhlawumbe kukhona umhwebi oyedwa oleyithi kancane. Ngizothola uhlamvu lwemali, mhlawumbe, namhlanje ngenzele umndeni wami, ngoba sidinga ngempela."

42 Futhi wacabanga ngokuthi, ngenkathi esahlezi lapho ekukhanyeni kwelanga okufudumele, ibhantshi lakhe elimanikiniki ezisonge ngalo, uqala ukucabanga ngephupho lakhe, ukuthi laliyilo ngempela kanjani. Khona-ke ingqondo yakhe yantanta yabuyela emuva ephusheni lasemini, njengoba ngazi ukuthi sonke sinalezozehlakalo.

43 Izikhathi eziningi, bengingakhwela ngiphakame kakhulu entabeni ngize ngibe kude nebanga lokuzwa kunoma yini, noma yini, ngivele ngihlale phezulu lapho kuphela ne—nezilwane, futhi ngiphuphe, o, nje ukuphupha nje ngoNkulunkulu, nokuFika kweNkosi, futhi ngibuke phandle futhi ngiMuzwe ememeza kakhulu ezinyonini, futhi ngiMbhekisise ezinkozini, futhi ngiMbone ekuphumeni kwelanga nasekushoneni kwelanga; Ukuzungezile nje nxazonke. Yiba wedwa futhi uphuphe.

44 Ngakho uBartimewu, mhlampe, wayehlezi phandle lapho ephusheni, kanjalo. Futhi njengoba kwakusentwasahlobo, wathi, "O, ngiphuphile izolo ebusuku ukuthi ngibe nokubona kwami! Ngiyakhumbula ngisengumfanyana, sasihlala nje ngasentabeni lapha, indlwana encane yezingodo ngaseceleni lapho, eyami . . . Ngiyakhumbula ngenkathi ngangivamise ukuba kulentwasahlobo yasekuqaleni, lapho izimbali ezisabhotela ezincane ziyokwenyuka, ukuthi ngangivame kanjani ukugijima ngiphume ngisengumfanyana futhi ngidlale, futhi uMama wayengivumela ngimkhele isixha esincane sezimbali.

45 "Nokuthi ngangibuka kanjani, ngilele phandle lapho emibhedeni ethambile yotshani, ngibuke phezulu futhi ngibone amafu amhlophe edlula ngo-Ephreli, ukukhanya kwelanga okufudumele kwehla phezu kwami. Lifanele ukuba lihle kanjani

lelizwe! Kodwa kade ngalahlekelwa ukukubona, iminyaka eminingi yobumpumputhe, ngakho ngiqagele akusoze. Kodwa o, ngilithokozela kanjani lelophupho izolo ebusuku, ngisho ukuphupha ukuthi bengingabona!"

Khona-ke uqala ukucabanga, umqondo wakhe wabambeka, o, yilapho ungena khona emoyeni wanoma yini, wabambeka emuva lapho esengumfanyana.

46 Ngiyazi sonke siyakwenza lokho. Ngiyakwenza, ngibuyela esikhathini lapho ngangisengumfanyana, ngibona ubaba wami engena ne, omncane, umfo omfishane, umgawuli wezingodo, nokuthi wayenezingalo ezinamandla kanjani, futhi ngangimbona . . . Wayengasindi cishe amaphawondi ayikhulu namashumi amane, kodwa umfo wangitshela ngolunye usuku wambona elayisha ugodo lwamaphawondi angamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amahlanu eyedwa enqoleni.

47 Futhi ngangimbona, lapho efingqa imikhono yakhe, isihlahla sama-aphula esidala lapho, nocezu oluncane lwengilazi yokubuka umama eyelubethele kuso, nephampu encane yesitsha samanzi. Wayenesaka lempuphu lapho enzela ithawula, ngangibona uBaba ephampa amanzi futhi—futhi athathe insipho futhi ageze izandla zakhe, leyonsipho endala esasivamise ukuyenza, niyazi, futhi senze umlotha wokhuni, bese senza insipho ngawo, futhi sigeze. Lapho ngimbona edonsa izingalo zakhe *kanjalo*, ukuba akame izinwele zakhe ezimahlikihliki, izinwele ezimnyama, ngathi, "Uyazi, ubabayi wami akasoze afa, unamandla kakhulu ukuba afe." Kodwa wafa eneminyaka engamashumi amahlanu-nambili ubudala.

48 Khona-ke ngicabanga ngamaHeberu 13, "Lapha asinawo umuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo." Asinandawo yokuhlala lapha, singabahambi, futhi siyizihambi lapha, sifuna uMuzi ozayo.

49 Manje, uBartimewu ecabanga ngenkathi esengumfanyana, futhi ngiyacabanga wayecabanga lokhu: "O, ngiyakhumbula lapho ngesikhathi sokudla kwasemini, ngangilizwa lelophimbo elimnandi lalowomama wami omuhle ngasegqumeni, 'Bartimewu, idina lakho, Ndodana!' Nokuthi ngangigijimela kanjani endlini, futhi wayegeza ubuso bami obuncane, futhi abhulashe izinwele zami ziye emuva, futhi angange ezihlathini, futhi ngangiwabona awakhe amakhulu, amehlo athambile, futhi ngibuka phezulu ebusweni balowomama omuhle, futhi—futhi wayengihlalisa phansi ngidle ukudla kwasemini.

50 "Bese kuthi-ke, emva kokudla kwasemini, ngesikhashanyana wayengibiza futhi, ngoba kwase kuyisikhathi sokulala. Futhi wayehlala phandle egosini lapho sibuka ngaphesheya kweJordani, futhi wayengithunduzela ezingalweni zakhe, futhi ngangibeka izandla zami zengane ezincane ezihlathini zakhe ezinhle, futhi wayenganga, futhi—futhi

wayengixoxela izindaba zeBhayibheli. Nokuthi ngangikuthanda kanjani ukuzwa lezozindaba, zokuthi uJehova uNkulunkulu omkhulu wabaletha kanjani abantu bakithi kulelizwe elithenjisiwe!

51 "Futhi wayebuka ngale ezimbalini ezincane ezifana nebhotela engangimlethele zona, izimbali ezincane ezikhiwe emmangweni, futhi wayethi, 'Leso ngesinye sesithembiso sikaJehova futhi, Bartimewu. Lelizwe elihle lingelethu, futhi uJehova wasihola wasisusa ezindundumeni zesihlabathi ezinkulu zaseGibhithe, futhi wasifaka kulelizwe.'

52 "Ukuthi wayengitshela kanjani ngalowo omkhulu, uJehova onamandla, ukuthi Wabakhipha kanjani ngokushesha abantu baKhe, wama esikhaleni, waminzisa impi kaFaro emva kwakhe, ukuthi Wanisa kanjani isinkwa siphuma eZulwini, wangenisa izagwaca ezivela emasimini, wondla abantu bakithi, nokuthi Wazenza kanjani izibonakaliso, izimanga. Ngenkathi bomile, umprofethi omkhulu uMose washaya iDwala, futhi kwaphuma amanzi.

53 "O, wayemkhulu kanjani uJehova! Yeka omkhulu, uNkulunkulu onamandla esimkhonzayo! Ukuthi uJehova omkhulu wayemethembisile kanjani lowomprofethi uMose, 'Ngelinye ilanga iNkosi uNkulunkulu wenu iyovusa umProfethi onjengami,' futhi Uzosikhipha ngaphansi kwalobundlovu-kayiphikiswa bamaRoma.'"

54 Bese kuthi-ke, niyakhumbula ngenkathi bewela iJordani, kancanyana nje ngezansi lapho indlwana yabo yayikhona, nokuthi uJehova walugingqa kanjani ulwandle lwahlehla, iJordani, ngenyanga ka-Ephreli lapho amagquma eqhwa lalincibilika eJudiya, phezulu ngasentabeni, iHermoni, kanjalonjalo na? Futhi lawa aqandayo, amanzi aneqhwa ayephophoza, enodaka, esonteka, omkhulu, uJoshuwa onamandla wamasha wehlela olwandle futhi wakhuluma, futhi uJehova wabuyisela emuva emhlabathini owomile, futhi wabahambisa banqamula kulo, khona impela ngenyanga ka-Ephreli. O, kanjani lowoNkulunkulu omkhulu . . .

55 Kwase kuthi uBartimewu wabheka ngale kancanyana, wathi ukuqhaqhazela, wayesethi, "Uyazi, ngifisa sengathi ngabe uJehova wayesenguJehova, ngandlela thize, ngikholwa ukuthi Unguye, kodwa umpristi wami ungitshela ukuthi zonke lezozinto sezedlule, Akafani . . . "

56 Khona manjalo uzwa into ethize ezayo, *klik*, *klik*, *klik*, *klik*, yimbongolo encane. Awu, lokho kufanele kube yisicebi, ngoba ezokuthutha ngaleyonkathi ngokuvamile zingo, abampofu babehamba ngezinyawo, abacebile babehamba ngenqola idonswa yimbongolo, noma babegibele emhlane wembongolo. Ngakho uyasukuma, ugijimela phandle cishe amafidi angamashumi amabili ukuya komkhulu, umgwaqo

wamatshe ayizimbokojwana, wayesephuma egijima, wayesethi, "Izipho zempumputhe! Izipho zempumputhe!"

57 Khona manjalo imbongolo encane yama, futhi wezwa izwi elinonya lithi, "Suka endleleni yami, sinxibi! Ngiyinceku yeNkosi. Ngisendleleni eya eJeriko kulokhu ukusa, ngizohlangana nenhlangano yabefundisi, futhi ngizoqinisekisa ukuthi akukho-zinkonzo zokuphulukisa ngalapha, akukho neyodwa yalobobuhlanya. Noma yimuphi *obizwa kanjalo* umprofethi waseGalile akezi ngapha ngalutho lobuhlanya bakhe. Suka endleleni yami, sinxibi, ngifanele ngibe sendleleni yami, ngisenkonzweni yeNkosi."

"Uxolo, wena ongcwele." Wahlehlela emuva.

Eqhubeka engena eJeriko, ukubamba i . . . athole inhlangano yabefundisi ukuba imise yonke imikhankaso yokunjalo.

58 Mhlawumbe lokho kungubuhlaza obuncane, mhlawumbe bengingafanele ngikusho lokho. Kambe, niyazi, umuntu uyafa, kodwa umoya awufi, ngakho kubi kakhulu, kodwa wona, yileyondlela okufanele kube ngayo, ngokuba sonke isizukulwane esivukayo ekwaHlulelweni sizofanele simele into efanayo, niyabo, ufanele wedlule kokufanayo, ncamashi, into.

59 Khona-ke lapho uBartimewu ebuyela emuva, kwase kwenyukela emini, ake sicabange, uphisi omncane, nelanga manje liza linqamula lase lisibekele idwala, ngakho-ke wazulazula ethinta waze walithola elinye, wahlala phansi. Wacabanga, "Awu, ngiqagele angeke ngithole lutho kulobubusuku, ngiqagele sizofanele nje senze ngaphandle kwakho."

60 Futhi lapho ehlezi phansi, wacabanga, "Awu, benginephupho elimangalisayo ezinsukwini ezedlule, futhi ngoJehova omkhulu." Wase-ke ecosha umcabango wakhe futhi, wayesethi, "Yebo, ngiyakhumbula uMama engixoxela enye yezindaba zami engizithanda kakhulu; futhi enye yezindaba zami engizithanda kakhulu kwakuyile, wayevame ukungixoxela ngomprofethi u-Eliya. Ngiyithanda kahle kakhulu leyo, ngoba ubeyothi, 'Bartimewu, uyayithanda indaba ngo-Eliya waseThishibi nowesifazane waseShunemi na?'

61 "Yebo, Mama, ngoba kumayelana nomfanyana, nokuthi uNkulunkulu walisebenza kanjani icebo lakhe ngomfanyana." Futhi wayekuthanda lokho, ngoba wayekholelwa kuJehova, futhi.

62 "Nalona wesifazane waseShunemi, engoweZizwe, nokho uNkulunkulu wakhombisa umusa wakhe. Ukuthi ufika kanjani omkhulu, umprofethi onamandla u-Eliya emzini, futhi waqonda ukuthi wayeyindoda engcwele. Futhi wayehlala emgedeni phezulu entabeni, futhi wayenenceku yakhe, uGehazi," owayethi ukuba njengomphathi womkhankaso owayehambahamba, futhi wamsiza ukuba alungise izinto lapho ezokhuluma khona. "Futhi

*ngandlela-thize enye* wayeyithanda lendoda, wayecabanga ukuthi yayingumuntu omangalisayo.

63 "Ngakho umyeni wakhe wayewuhlobo lwendoda esikhulile, futhi yena owesifazane wayeseguga. Futhi wathi endodeni yakhe, 'Ngiyakucela, ake sibe nomusa kulomuntu, ngokuba ngiyabona ukuthi ungumuntu ongcwele.'

64 "Futhi bakha ikamelo elincane eceleni kwendlu yabo, elincane, ikamelo lomprofethi, bambekela umbhede omncane lapho futhi—futhi, kanti futhi, bambekela ujeke omncane wamanzi, nesitulo esincane ukuba ahlale kuso, nendishi encane ukugeza ezakhe ezikhathele, izinyawo ezikhandlekile nezitho lapho ehlala phansi. Futhi akungabazeki ukuthi inceku yayimkhiphela okuthile ukuba adle lapho esemzwile phandle lapho ekamelweni.

65 "Futhi u-Eliya wathokoza kakhulu ngalokhu, waze," sengiyamuzwa ethi, "Bartimewu, uyazi ukuthi lowo wesifazane wayedingani ukwedlula konke ngenkathi ecela lokho na? Wathi, 'Musa muni engingakwenzela wona na? Bengingakhuluma nenkosi, noma kukhona ebengingakwenza na?'

66 "Wathi, 'Qhabo, ngihlala nabantu bakithi, akukho engikudingayo. Ngikwenze nje ngokuphuma enhliziyweni yami ngoba ngiyamhlonipha uNkulunkulu omkhonzayo, futhi ngiyayihlonipha impilo oyiphilayo.'

"Wayesethi-ke uGehazi, 'Usemdala, indoda yakhe isindala, futhi abanabantwana.'" UBartimewu wakuthanda lokhu.

67 "Nomprofethi omkhulu u-Eliya wathi, 'Hamba, umtshele ukuba ame lapha emnyango.'" Wayebone umbono. "Wathi, 'ISHO KANJE INKOSI: Uyogona indodana.'

68 "Futhi ngenkathi lomfanyana eseneminyaka ethi ayibe yishumi nambili ubudala, o, wayemthanda kanjani ubaba wakhe nomama!" Lokho kufanele ukuthi kwakucishe kube ngunyaka kaBartimewu omncane. "Nokuthi ubaba nomama babemthanda kanjani! Ukuthi ubabayi waphuma naye kanjani waya emasimini, futhi wamkhombisa indlela yonke ukuba alime okusanhlamvu. Ngoluny'usuku ngenkathi ephandle ensimini, kufanele ukuthi waguliswa yilanga, ngoba wayelokhu ethi, 'Ikhanda lami, ikhanda lami!'" Lelolanga lasePalestine liyashisa, imisebe yalo eqondile. "Ikhanda lami, ikhanda lami!

"Futhi yena, ubaba wayematasatasa, ngakho, umfana wayegula, wathi encekwini, 'Yisa umntwana kunina.'

69 "Futhi umfana waya ngokugula, waya ngokugula, kwaze kwathi ekugcineni, emathangeni kanina, wafa. Futhi ubuqhawe balowo wesifazane odumile, owakhombisa umusa encekwini kaKristu, wayazi ncamashi, futhi wayeholwa nguMoya ukuthi enzeni." O, ngiyakuthanda lokho! Akusuye uBartimewu kuphela, kodwa ngiyakuthanda lokho. "Wamthatha

wamyisa ekamelweni lomprofethi wayesemlalisa embhedeni womprofethi.” Indawo enje pho yokumlalisa! Kunjalo nje.

“Futhi wathi encekwini yakhe, ‘Ngibophelele umnyuzi, futhi ungami ngize ngikuyale. Hamba uye phambili.’

Futhi indoda yakhe yathi, ‘Asikho isidingo sokuyilandela, lokhu akusiyo inyanga entsha noma isabatha, ayikho phezulu lapho.’

“Wathi, ‘Konke kuhamba kahle.’

70 “Futhi enye into, Bartimewu, uyazi ukuthi uNkulunkulu akembuli yonke into ezincekwini zaKhe? Wembula nje kuzo lokho Afuna zikwazi,” niyabo, “lokho nje Afuna zikwazi. Ngakho ngenkathi owesifazane efika ekuboneni le enkulu, indoda enamandla kaNkulunkulu wahamba waya emnyango womhume wakhe, wayesebeka udondolo lwakhe eceleni kodonga, eguga, futhi waphakamisa izandla zakhe *kanje*, futhi wabuka phandle, wathi, ‘Ubani engimbona eza na?’

“UGehazi wathi, ‘NgumShunemi. Ubukeka sengathi ugcwele usizi.’ Wayekhala futhi eqhubeka.

“Ngakho wathi, ‘Inhliziyo yakhe ilusizi, kepha uNkulunkulu ungifihlele khona, angazi ukuthi yini indaba ngaye.’ Wathi, ‘Hamba, umhlangabeze.’

71 “Futhi wahamba futhi wamhlangabeza. Futhi ngenkathi esondela kulomprofethi omkhulu, wathi, ‘Usahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Indodana yakho isahlezi kahle na?’”

72 O, ngiyakuthanda ukuzwakalisa kwalowo wesifazane! “Wathi, ‘Konke kuhamba kahle.’”

73 Ngicabanga ukuthi yilapho uMarta noMariya, uMarta wayehlala njalo ethi ukulibala, kwakubonakala sengathi, kodwa ngenkathi azi ukuthi uma, ebhekisela emuva kulona wesifazane, uma lona wesifazane waseShunemi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekulowomprofethi, lowo wayengomele uNkulunkulu wangalolosuku, futhi uma uNkulunkulu wayekumprofethi waKhe, WayeseNdodaneni yaKhe kakhulu kangakanani!

74 Wayesethi, “Nkosi, uma Ubukhona umnewethu nga engafanga, kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Yilokho-ke. Yilowo umqondo.

75 Nowesifazane waseShunemi, wathi, “Konke kuhamba kahle.” Ngani na? Umyeni wakhe esonta izandla zakhe futhi edazuluka, zonke izihlobo zidazuluka futhi zilila, futhi ziqhubeka, futhi lapha wayenenhliziyo ephukile, ingane ilele embhedeni womprofethi, ifile, indodana yakhe okuwukuphela kwayo, nesalukazi, ikhehla. Wayemthanda kanjani lowomfo omncane! Kodwa, “Konke kuhamba kahle,” ngokuba wayemi phambi komele uNkulunkulu.

76 Futhi wayazi . . . wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengembula ngalowo omele owaKhe noma ngabe kwakuyini. "UNkulunkulu wapha, futhi uNkulunkulu uthathile, malibongwe iGama leNkosi." Kodwa wayefuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyithatheleni. Ngiyakuthanda lokho.

77 Futhi uNkulunkulu unoMmeleleni ezweni namhlanje, siMbiza ngoMoya oNgcwele, umi eBukhoneni baKhe. O Nkulunkulu, ngifisa sengathi abantu bebengakuthola lokho. Yima eBukhoneni baKhe futhi uthole ukuthi Uthini.

78 "Futhi wathi, 'Konke kuhamba kahle.' Ngicabanga ukuthi inhliziyo yomprofethi iyathokoza. Ngakho, weza, wayesewa phansi, wayesembamba ngasemilenzeni. Lolo kwakuwuhlobo lokungaziphathi kahle, inceku yacabanga, lona wesifazane akafanele awe ngasenkosini yakhe kanjalo, ngakho-ke wenzani, ngaphandle kokumdluthula.

79 "Futhi ngakho u-Eliya wathi, 'Myeke, inhliziyo yakhe igcwele usizi, noNkulunkulu ungifihlele khona.'

80 "Futhi-ke wembula okwakwenzekile, wathi, 'UNkulunkulu wanginikelani lendodana na? Kungani wangitshela lokho ukuba ungikhohlise na? Manje umfana ulele ufile.'

81 "Bhekisisani u-Eliya, wathi, wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe ngenkathi egcotshiwe, wathi kuGehazi, 'Thatha loludondolo futhi uye phambili, futhi uma noma yimuphi umuntu ekubingelela, ungambingeleli. Ungami kunoma yiziphi izindaba zenhlaliswano.'"

82 Ngicabanga ukuthi yilokho uNkulunkulu akwenzayo ngeZwi laKhe, LiGcotshiwe, LinguYe, futhi siyizithunywa zaKhe. Asinaso isikhathi sokuma ukuba senze *lokhu*, futhi siphikisane nga*lokhu*, futhi siqophisane nga*lokhu*, uMlayezo uyaphuthuma, abantu bayafa, asifike lapho, simise izithiyo zethu zamahlelo, nakho konke okunye, asibhobokele. Yebo, mnumzane. Yisa uMlayezo ezweni elifayo. Manje-ke . . . Angifuni ukungena kulokho, ngiqala ukushumayela.

83 "Manje, nokho, waqala. Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni, ukukholwa kwakhe kwakukumprofethi, futhi wathi, 'Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, umphefumulo wakho awufi,' wayazi ukuthi wayephila kuze kube phakade, 'umphefumulo wakho awufi neze, angiyikukushiya.'" O, he! Yilokho-ke, manje usunakho, bambelela. Bamba uMoya oNgcwele kanjalo futhi ungaWudedeli. "Ingalo yami ingcono namhlanje, akwenzi mehluko kusasa, akwenzi mehluko, noma ngabe kunini, ngizobambelela, kukho kufika kahle. Nginesithembiso saKho, Unikeza isithembiso saKho, ngiyazi ngabanye abaphiliswa yiso, futhi ngizobambelela khona lapha. Ngisezandleni zaKho." Amen. Kukhona okuzokwenzeka ngaleyonkathi.

84 Lapho uthatha isithembiso sikaNkulunkulu futhi usibambe, "Nkosi, Ungitshele ukuthi uma ngiyohlangabezana nezidingakalo zokuphenduka, kanjalonjalo, ukuthi Uyonginika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngikhona lapha ezandleni zaKho uze Ukwenze."

85 Ngiyathanda, uhlobo lokuthi, ubufakazi bukaBuddy Robinson lapho, waphuma phakathi nensimu yommbila, wathi, "Uma Unganginiki uMoya oNgcwele," wathi, "lapho Ubuyela emhlabeni, kuyobakhona inqwaba yamathambo elele khona lapha." Futhi ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. Yilapho athola khona okuthize. Yileyondlela ofuna ukukwenza ngayo. Bambelela kukho!

86 Ngiyamazisa lowo wesifazane. Ukukholwa kwakhe kwakukumprofethi, wambamba, wathi, "Angizukukushiya." Ngakho-ke, nje ku . . .

87 Manje, uJesu wafundisa leyonto efanayo. Kuthiwani ngomahluleli ongalungile nomfelokazi na? Wayengeke aziphindiselele, nakuba wayekhala imini nobusuku, ngani, wa— waphindiselela izitha zakhe ukuba nje zimsuse owesifazane. Wathi, "UBaba wakho waseZulwini uzobanika kakhulu kangakanani uMoya oNgcwele abaMcelayo na?" Yilokho esikufunayo.

88 Awukholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungowangempela, bamba isithembiso sikaNkulunkulu, futhi nje uhlale naso, bambelela kuso, ungasishiyi. Uma ungakholwa ukuthi UnguMphulukisi, noma yisiphi isifo noma inkathazo onayo, khona manje, ungalindeli umugqa wokuphulukisa, kubambe nje khona manje, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngisezandleni zaKho."

NoSathane uzothi, "Awungcono."

89 Yilokho angitshela khona, ngathi, "Buka lapha, nyawo oludala olusontekile, uma unga . . . uma ufuna . . . uthanda ukungizwa ngifakaza ngenkazimulo kaNkulunkulu, namathela ngapha, kodwa awuzukunginyakazisa ngisuke kulokho. Uma uthanda ukuzwa izimfakazo zikaNkulunkulu, nezindumiso zokuphilisa ngokukaNkulunkulu, yima ngapha, ngizoyikhalisa kade nje inqobo nje uma ngingakwazi, ngihlale nayo ngqo. Namathelani ngapha, nikulalele, ngiyanimemа ukuba nikulalele, nihlale ngapha."

90 Usuku lokuqala, akukho okungcono; ngosuku olulandelayo, akukho okungcono; ngosuku olulandelayo, akukho okungcono, ngangilokhu nje ngihlezi, ngifakaza, ngidumisa uNkulunkulu, ngicindezela emafwini amnyama, Wenza isithembiso, ekugcineni, sasilapho-ke. Uyakhathala emva kwesikhashana wase ebaleka.

91 Khona-ke siyathola-ke, ukuthi umprofethi ebonile ukuthi akakwazanga ukumsusa ezandleni zakhe, ngakho wathi, "Kulungile, ngizobopha izinkalo zami, futhi lapha ngizohamba

nawe." O, he! Futhi ngakho uGehazi wahlangana nabo ebuya. Ukukholwa kwakhe . . . Manje, i—induku ibiyowenza umsebenzi, kodwa yilapho ukukholwa kwakho okukhona. Ngakho, ukukholwa kwakhe kwakungekho kulokho, kwakukumprofethi.

92 Ngakho nangu enyukela lapho, futhi bonke belila, nokuqhubeka, futhi bedazuluka, nalo lonke ithemba alisekho, nayo yonke into, ngiyambona ethi, "Shi, shi, shi, shi! Thulani du."

93 Uzokwenzani na? Ngifuna niqaphele, wangena ekamelweni lapho ingane yayilele khona embhedeni, wavala umnyango emva kwakhe, yena nengane nje. Yilapho izikhathi eziphumelela kakhulu, lapho uba wedwa noNkulunkulu. Niyabo? Yiba wedwa noNkulunkulu.

94 UJesu wathi, "Ngenani ekamelweni elingaphansi bese nivala umnyango. Khulekani kuYihlo lokho akubona ekusithekeni, Uzokwenza obala," e, "Uzokwembulela khona obala."

95 Ngakho sengiyambona umprofethi. Manje, iBhayibheli lathi wehla enyuka ekamelweni, ehamba nje. "Nkosi, ngilapha. Ngenzeni na?" Wehla enyuka, wayelinde uMoya, emva kwesikhashana Wamshaya. Uya ngale, wayeselalisa umzimba wakhe phezu komzimba wengane, uqala ukufudumala, wasukuma wase eqala ukuhamba futhi, ehamba eya emuva naphambili.

96 Wezwa ugcobo luya ngokuba lukhulu, ngakho walalisa umzimba wakhe phezu kwengane, futhi yathimula kasikhombisa. Wayicosha, wayikhipha, wayinikeza unina.

97 O, uBartimewu omncane wayeyithanda kanjani leyondaba! Ubeyothi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

98 "Niyabo, uNkulunkulu uzofanele asebenze inhloso yaKhe, Bartimewu. Niyabo? UNkulunkulu ufanele enze okuthize, akhuphulele umuntu othile ngento ethize, Umisela izinto."

"O, Mama, umuhle kakhulu, ya, ngiyakuthanda nje, Mama."

99 "Futhi uyazi, Bartimewu, ngaphambi kokuba uzalwe, awukuqondi manje, S'thandwa, kodwa ngaphambi kokuba uzalwe, ngakunikela kuNkulunkulu, kuJehova. Uyazi ukuthini? Bekungeke kungimangaze nakancane, kodwa ukuthi amehlo akho amancane azobona uMesiya."

Futhi wacabanga, "O, maye, uma Engake afike manje, ngiyimpumputhe!"

"Kodwa uyazi, Bartimewu, uNkulunkulu usebenzisa abafana abancane ngenxa yenkazimulo yaKhe. Unenhloso, futhi ngikholwa ukuthi Unenhloso empilweni ngawe."

100 Khona-ke, lapho ecabanga ukuthi, "O, bekungeke kube manje, bukani ukuthi bekuyini. Umama bandla, wakhuleka, usehambile eminyakeni edlule. Kodwa

ngicabanga ukuthi ayekukhulekela kwakulahlekile." Niyazi, kulezozimbokojwana . . .

101 Qhabo, qhabo. Awukho neze umkhuleko oqotho owake wenziwa, ngaphandle kowaphendulwa. Ngineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala, futhi sengibe senkonzweni iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi ngizosho phambi kweBhayibheli likaNkulunkulu, angizange ngicele noma yini ngobuqotho, ngaphandle kwalokho uNkulunkulu angiphe khona, noma wangitshela isizathu ukuthi kungani Engenakukwenza. Ngisho lokho njengenceku kaKristu. Kunjalo. Ezikhathini ezingamashumi ezinkulungwane engiMcele ngazo izinto, ngobuqotho ngaMcela noma yini, ngithathe, ngikhethe into ethize futhi ngiMcele ngakho, kuphakathi kokuthi Ubezongitshela . . . Ubeyonginika khona, noma angitshele ukuthi kungani Ebengeke. Ngakho ngiyazi ukuthi njalo kuhle ukwedlula konke uma ngingenakuba nakho.

102 Ingane yakho encane engumfana ibiyokucela insingo yakho eqondile ukuba ishefe ngayo, ubuyoba ngubaba ompofu ukumnika yona, ubeyozilimaza. Uyazi ukuthi yini esilungele, nokuthi yini engasilungele.

103 Ngakho, khona-ke uBartimewu ubeyocabanga lokhu: "Uyazi ukuthini? Kancanyana nje ngezansi lapha yizibuko lapho u-Israyeli awela khona. Futhi cabanga nje, khona ezansi kulomgwaqo ofanayo lapho lowompristi efika khona esikhashaneni esedlule, lowomprofethi omkhulu u-Eliya no-Elisha beza bebambene ingalo nengalo behla ngalowomgwaqo, behlela eJordani ukuyolivula futhi." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

104 Manje-ke, kusukela esikhathini u-Israyeli awela ngaso kwaze kwaba ngumprofethi omkhulu, u-Eliya, uNkulunkulu wakhuluma futhi wavula ulwandle, Wayekwazi ukuvula amanzi. Wacabanga, "O, ukuba kuphela ngangiphile ngalolosuku! Labobaprofethi ababili abakhulu bebambene ingalo nengalo, behamba behlela eJordani, omunye wabo wayebuya, omunye wayenyuka. Futhi omdala wayelwe noJezibele no-Ahabi, nezono zezwe, futhi nje ngapesheya komfula kwakukhona ihhashi elaliboshelwe laphaya esihlahleni esithize, nenqola yoMlilo yayizomenyusela eNkazimulweni; umprofethi osemncane uzokwemukela okuphindwe kabili kwenkonzo yakhe ukuba abuye, behamba bebambene ingalo nengalo."

105 Wathi, "Ukuba ngangikade ngihlezi kulelidwala ngaleyonkathi, ngangiyophuma ngigijime futhi . . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

106 "' . . . ngoba ungumuntu oletha uNkulunkulu, wangempela, kubantu. Cela uJehova nje, futhi ngizokwemukela ukubona kwami.' Kodwa umpristi ungitshela ukuthi onke lawomadoda . . . UJehova wayeka ukwenza lokho eminyakeni

edlule." Basacabanga into efanayo, kodwa Uqhubeka ngokufanayo nje, nje, ya, kusenguJehova.

107 Ngiyacabanga wacabanga, "Ukuba bengingake ngiphume lapho futhi ngama, ngani, khona, labobaprofethi, impela bebeyongibusisa, futhi nengiyoba no—nokuphulukiswa. Kodwa konke sekuphelile manje, izinsuku zezimangaliso selwedlule, ngakho akukho engingakwenza ngakho, ngiqagele, kodwa nje ngihlezi lapha ngiphuphuthekile."

108 Imimoya yavunguza, futhi wabeka phansi okwakhe... wazimboza ebhantshini lakhe, futhi uqala ukucabanga ngenye indaba, uJoshuwa omkhulu ngoluny'usuku. Hhayi ngaphezu kwamayadi ayikhulu noma amabili ukusuka lapho ayehlezi khona, u-Israyeli wawela lowomfula onamandla ngaleyonkosana enkulu, uJoshuwa.

109 Khona-ke wakhumbula enye indaba, ukuthi ngenkathi besakanise phandle lapho, u-Israyeli, iNsika yoMlilo enkulu kaNkulunkulu ilenga phezu kwabo, ngoluny'usuku uJoshuwa, induna enkulu, waphuma ukuyobuka elakhe, athole elakhe, isu lokuthi zingasuswa kanjani lezozindonga endleleni, iJeriko. Esahambahamba, ubonile uMuntu othize ephuma ukuyomhlangabeza, Kwakungelinye iQhawe. UJoshuwa wahosha inkemba yakhe, ngoba wayeyisilwi, washwiba inkemba yakhe phezulu, wayesethi, "Ngabe Ungakithi, noma Ungowesitha sethu na?"

110 Khona-ke lowoMfo omkhulu wahosha inkemba yaKhe, nombani wandiza wasuka ekugcineni kwayo, Wathi, "NgiyiNduna yebandla leNkosi. NgiyiNduna yeNkosi."

111 Omkhulu, uJoshuwa onamandla waphonsa phansi isihlangu sakhe, waphonsa phansi inkemba yakhe, wakhumula isigqoko sakhe sokuzivikela, futhi wawela ezinyaweni zaKhe.

112 O, angahle ukuba wathi, "Ukuba ngangiphile ngalezozinsuku ngangiyothanda ukuwa phambi kwezinyawo zaKhe, nami." Kodwa wayengazi nokuthi leyoNduna efanayo yebandla leNkosi, kungesilo ibanga elingamayadi ayikhulu ukusuka kuye, uKaputeni ofanayo, ngenkathi esacabanga ngalezozinto.

113 Kuvamisile lapho ucabanga ngeNkosi, ngokuvamile kulapho unengqondo yakho, hhayi kwenye into, izinto zezwe, noma uzoyenza kanjani imali eningi, noma hlobo luni lwenhlangano enkulu ozolwakha...

114 Yileyo indaba ngezwe namhlanje, sinomqondo wethu ezintweni zezwe esikhundleni sokuba kuNkulunkulu, asicabange ngoNkulunkulu. IBhayibheli lathi, "Kukhona noma yikuphi ukudunyiswa, kube-khona noma yimaphi amandla, cabanga ngalezizinto." Umqondo wethu uyazulazula, futhi into yokuqala niyazi, sidukile phandle lapho ndawondawo, sicabanga ngenye into ethize. Masigcine uJesu enhliziyweni

yami, engqondweni yami usuku lonke, imini nobusuku. Yileyo indlela.

115 Esacabanga ngalokho, wezwa umsindo. Kuyaxaka, noma yikuphi lapho uJesu ekhona kukhona inqwaba yomsindo. Angazi ukuthi kungani, kodwa ngokuvamile kunjalo. Nenqwaba yomsindo ivela ngaphakathi. Into yokuqala, isango liyavuleka liyasakazeka, futhi uzwa umsindo omkhulu, nabantu begijima, futhi abanye bempongoloza, "Hosana, Hosana kumProfethi waseGalile!" Abesifazane, nabanye besilisa.

116 Khona-ke wayezwa okunye ukumpongoloza, futhi behlekisa ngaYe, "Awulutho kodwa ukukhohlisa!" Amaqanda avuthwe ngokweqile nesithelo kwaphoswa kuYe.

117 Wezwa lowompristi ofanayo, isikhashana ngaphambili, ngaphambi kokuba babe nenhlangano ukuba bahlangane ndawonye, "Awusho, uthi ungumprofethi, sezwa ukuthi wavusa umuntu ofile waphuma ethuneni. Siyakwazi, mkhohlisi! Babeka leyondoda lapho, nabafundi bakho bakwenza lokho, lokho akulutho kodwa ukukhohlisa. Uma ungavusa abafileyo, sinamathuna onke agcwele bona phezulu lapha, woza, uvuse abanye babo, sizokukholwa."

118 UJesu akamnaki udeveli, Akazange amnake. Lowodeveli ofanayo washo kuYe ngesinye isikhathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yala lamatshe ukuba aphenduke abe yisinkwa." Wayengakwenza.

119 Omunye wabo wabeka indwangu ebusweni baKhe ngoluny'usuku ezansi lapho emagcekeni, wayibeka yazungeza ubuso baKhe, amehlo aKhe, futhi baMshaya ekhanda ngenduku, abahleka usulu, base bethi, "Uma ungumprofethi sitshele ukuthi ubani okushayile." Niyambona lowodeveli omdala na?

120 Udeveli omdala ofanayo uyaphila namhlanje, "Yehlela lapha bese uphulukisa indoda endala u*S'bani-bani* ekhoneni. Welela lapha ku*s'bani-bani*, futhi ubaphulukise."

121 Asizithathi iziyalo kudeveli. UJesu wathi, "Ngingenze lutho aze uBaba aNgikhombise kuqala ukuthi ngenzeni. Ngokuba Yena uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

122 Ngakho uzwa noma ubani esho noma yini enjalo, asuke ahambe, ngudeveli. Asizithathi iziyalo kuSathane. Sivela nje Phezulu, lapho Esikhombisa ukuthi asenzeni, khona-ke siyahamba sikwenze. Uma Efuna uMnu. Jones ekhoneni ephulukisiwe, Uyotshela inceku yaKhe, futhi uzoya ngale futhi ayiphulukise, niyabo, kunjalo, ngeziyalo zaKhe nje. "Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise kuqala ukuthi ngenzeni," uJohane oNgcwele 5:19.

123 Manje, ngiyamuzwa lowompristi emMemeza, "Awulutho kodwa ukukhohlisa!"

124 UJesu, imithwalo nezono zezwe kuYe, Wayeqonde ngqo eKalvari, phezulu ngqo eJerusalema ukuba anikelwe ezandleni zabantu abayizoni, abeZizwe, babezoMbethela. Yonke imithwalo nesono se, sonke isono esake senziwa emhlabeni, noma esiyoke senziwe, saphumula phezu kwaKhe.

125 Futhi babehleka, behlekisa ngaYe; abanye bempongoloza, "Hosana kumProfethi waseGalile, iNdodana kaDavide!"

126 Kungaleyondlela namhlanje ngqo eBeaumont, eTexas. Abanye babo bazohleka futhi bahlekise, abanye bayayikholwa indaba. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, futhi kuyohlala njalo kungaleyondlela, kuze kube ngukuphelelisa, kuyoba ngaleyondlela, isixuku esixubile.

127 Yonke imvuselelo iveza amawele. Amadodana amabili kaJakobe, noma, u-Isaka umelwe kahle. Njalo lapho kunemvuselelo, kukhona u-Esawu ozalwayo noJakobe ozalwayo: Indoda eyodwa ekholwayo yezwe iba yisitashi, futhi ithatha isipiliyoni sasekholiji, nomunye ufuna lobobuzibulo kungakhathaleki ukuthi uzobuthola kanjani. Uma ezofanele abe ngumgingqiki ongcwele, kumbe noma yini enye, ufuna ubuzibulo, angikhathali.

128 Yileyo indaba ngabantu namhlanje, bayabesaba lobobuzibulo. O, bakuzonda kanjani lokho! Kodwa kuveza amawele. Amadoda ezwe, ethanda kakhulu inkolo, enza izipho ezinhle, nezinto, kodwa nje akanandaba nobuzibulo.

129 Lezo zinhlangano ezinkulu eziphikisanayo ezimbili bezilwa selokhu kwaqala izwe, futhi sebelungele ukufika enhlokweni khona manje lapho, into ethize uJesu ayisho, bayosondelana kakhulu ngokufana, bayodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka. Kuyiqiniso. Niyabona ukuthi ihora elidukisa kanjani esiphila kulo.

130 Hlala neZwi, mfowethu, ungalishiyi leloZwi. Kunjalo. IZwi lizozikhulumela Lona uqobo.

131 Manje-ke sengiyambona-ke uBartimewu omdala ompofu ezama ukusukuma, ethi, "Kumayelana nani konke na?"

"Hlala phansi!"

"Umsindo umayelana nani na? Ini? Ubani owenze okuthize na?"

132 Akekho owayengamsiza; wayeyimpumputhe. Ngiyakuzonda ukubona lokho, nje ngiphushe indoda endala empofu, eyimpumputhe. Khona-ke into yokuqala niyazi, kufanele ukuthi kwakukade kukhona i, ngizocabanga, inenekazi elincane lafika, nomfo omdala wayekade ephushelwe emuva, futhi wayezama ukusukuma ngamadolo akhe ezindwangwini zakhe ezindala, lamsiza lamphakamisa kahle nangomusa. Lathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi uyimpumputhe."

"Yebo, medemu. Unomusa kakhulu ezimpumputheni."

"Yebo, nginozwela ngempumputhe, noma ubani odingayo."

133 "Medemu, ungangitshela, akukho-muntu ozongitshela, umsindo umayelana nani na? Sengibe lapha iminyaka eminingi, angikaze ngiwuzwe u—umsindo onje. Wonke umuntu usho into *eyodwa*, nomunye *enye*."

"O, mnumzane! Awukaze ufunde ukuthi uJesu waseNazaretha, umProfethi, uyedlula na?"

"Ubani na?"

"UJesu waseNazaretha."

"Ngani, Ngubani uJesu waseNazaretha na?"

"UngumJuda, awusiye na?"

"O, yebo."

134 "Awu, sewake wazi emiBhalweni ukuthi—ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu yayizovusa umProfethi ofana noMose, futhi Uzoba nguMesiya na?"

"O, yebo. Bengicabanga ngalokho nje, bengicabanga ngakho nje. O, yebo, Uzoba yiNdodana kaDavide."

"Awu, yilowo Odlulayo!"

"Ubani iGama laKhe na?"

135 "UJesu waseNazaretha, UnguMesiya. NgiMbonile enikeza ukubona ezimpumputheni. O, ubufanele uMbone kulokhu ukusa! Impela Ubufakazisile ubuMesiya baKhe ngenkathi Engena ohlangothini olungaseningizimu lomuzi. Ubufanele uMbone! Uyamkhumbula umfo omncane edolobheni lapha ogama linguZakewu na?"

"O, yebo, umyeni kaRebekah."

"Yebo."

"Ungipha izipho izikhathi ezinigi, ungumhwebi."

136 "A-hha. Awu, wayethi ukuba mncane ngomzimba, niyazi. Futhi uRebekah ubekade ethamela umhlangano. Futhi ngingumfundi waleNkosi uJesu, futhi sifundisiwe njengamaKristu, abafundi baKhe, ukuhlonipha nokuba nomusa neqiniso." Lokho ngukuthi, onke amaKristu enza lokho, akhombisa ubumnene, niyabo. "Futhi yingakho ngifuna uqonde, mnumzane. Futhi kulokhu ukusa bengikhona, ngokuba besazi ukuthi Ubeza. Futhi uRebekah wayekhuleke isikhathi eside kakhulu ukuthi uZakewu . . .

137 "Uyindoda elungile, kodwa uthi ukuzazi, ngoba uncika kanzima esinagogeni. Futhi niyazi uRabi Kavinski, laphaya, nje a—akamthandi nje uJesu waseNazaretha, futhi babenenhlangano yabefundisi lapha, futhi bahlanganile kulokhu ukusa futhi bayekisa uJesu ekwenzeni izimangaliso emzini, baMxoshela ngaphandle, ngakho Uvele waphuma.

138 "Kodwa niyazi, uRebekah wayekhuleke kanzima ukuthi uZakewu wayezoba ngokholwa yiNkosi uJesu njengoMesiya kaNkulunkulu, futhi wayexoxe zonke izinto uMesiya azenzile, nokuthi Uyoba kanjani nguMambuli wezimfihlo zenhliziyo, kanjalonjalo.

139 "Uyazi ukuthi uZakewu wenzeni na? Wayethi ukuba mfishane ngomzimba, ngakho wayesezansi esangweni kusesekuseni impela," lapho esazi khona ukuthi kwakuzobakhona. "Futhi niyazi, ngenkathi esebonile ukuthi wayezobamncane kakhulu ukuba aMbone, ngakho ngineqiniso . . . URebekah nami sasenze isivumelwano, omunye nomunye, besizokhuleka ukuthi uma uMesiya eyoba . . . wayezoba . . . siqonde uMesiya.

140 "Ngakho ngabhekisisa uZakewu, wagijima wehla *le* ngoMgwaqo uHaleluya futhi wafika eMgwaqeni uNkazimulo. Futhi uyazazi lezozihlahla zomthombe ezimi lapho na?" Ngamany'amazwi, kwakukhona amasundu. Wathi, "Wagibela phakathi lapho, wayesethi, 'Manje, ngizozitholela indawo yokuhlala phansi khona lapha egatsheni eliyimfologo. Ngizohlala phansi, ngibeke umlenze owodwa *ngale*ndlela, nomunye *ngale*ndlela, ngizothola ukuMbuka lapho Ejika ekhoneni, ngoba Uhlala njalo elandela uMgwaqwana uHaleluya noMgwaqo uNkazimulo. Uhlala njalo kuyo ngqo, ngakho ngiyazi ukuthi ngizohlangana naYe lapho.' Ngakho wahlala phansi lapho amagatsha amabili ehlangana khona."

141 Manje, yilapho inqwaba yabantu ihlezi khona kulobubusuku, lapho indlela yakho nendlela kaNkulunkulu ihlangana khona, kuzofanele kube nesinqumo esenziwe. Ungahle ube lapha kulobubusuku kulesosimo esifanayo.

142 "Awu, wacabanga phezulu lapho, wasitshela esikhashaneni esedlule emva kwalokho okwenzekile, lokho kwenza. Ngakho inhlangano yabefundisi ayiMvumelanga ukuba aye ehholo elikhulu ukuba abe nomhlangano, ngakho, lowo Abezoba nawo. Ngakho uZakewu, wagibela esihlahleni, wayesethi, 'URebekah wangitshela ukuthi loMuntu wayekwazi ukwehlulela imicabango yenhliziyo. Manje, angikholelwa e . . . uRabi Kavinski, umelusi wami, wangitshela ukuthi leyonto ayiphindanga yenzeka.'"

143 Uma kukhona uRabi Kavinski lapha, ngithethelele. Ngisebenzisa lokhu nje uku . . . Niyabo? Noma bengingathi igosa lesifundazwe, noma into efana naleyo, noma unsumpa wesifunda, noma niyazi, noma yini nje izokwenza, kanjalo. Niyazi ukuthi ngiyaphi. "Ngakho-ke, noma kanjani, ukhuphukela esihlahleni, futhi u . . . " Noma uDokotela, Ph.D., LL.D., kumbe noma yimuphi wabo, niyazi.

144 "Ngakho ukhuphukela esihlahleni, wathi, 'Uyazi ukuthini? Ngizoqiniseka ukuthi lowoMfo akazi lutho ngami.' Ngakho

wathola onke amaqabunga futhi wawadonsa nxazonke kuye, wazifihla." Wayengumfo omncanyanyana, empeleni, ehlezi phezu kwaleligatsha, niyazi, *kanje*. "Ngakho washiya iqabunga elilodwa elincane lapho, ukuthi yena, njengomnyango, wayengabheka futhi aMbone ngenkathi Ejika uMgwaqwana uHaleluya, ekhuphuka ngoMgwaqo uNkazimulo, ngoba kwakuseduze ngqo lapho ekhoneni. Futhi emva kwesikhashana, ngenkathi esahlezi lapho," wathi, "bewufanele umuzwe efakaza ngakho, mnumzane!"

145 UJesu wayedlula. Futhi impumputhe endala yayilalele indaba, ngoba yayazi lokho umama wayeyitshele ukuthi uMesiya uyoba yikho, ngakho ilalele lendaba. UJesu wayeqhubeka, babeMjikijela ngezinto, futhi behlekisa ngaYe, futhi beMtshela, woza uvuse abafileyo, ukuthi babezobona ukuthi kwakungekho kukhohlisa kukho, nokunye nokunye kanjalo. Futhi—futhi ngakho, njengoba be . . .

146 Wathi, "Futhi wasitshela-ke ukuthi wacasha ngaphansi kwalamacembe, futhi washiya lomnyango omncane uvulekile. Khona-ke lapho—lapho . . . Niyazi ukuthini? Wathi, 'Lapho Edlula, ngizovele nje ngilunguze bese ngiMbuka.' Wathi, 'Ngenxa yokuthi wonke umuntu wayeMbuka, ngani ngenxa yodumo, ngizoMbuka nje.' Ngakho wacasha, ukuze Angamboni."

147 "Ngakho waphakamisa isivalo, futhi emva kwesikhashana nakhu kufika uJesu, nowesifazane ephuma, nomphostoli omkhulu kakhulu ngaphambili, uSimoni Petru, nabanye abayishumi nanye, bethi, 'Ngiyaxolisa, umProfethi ukhathele kakhulu, sifanele siMthathe simhambise manje. U—Uthi ukuba . . . akakwazanga ukuba nomhlangano ezansi lapho, ngakho sifanele sibuyele emuva siphume emzini.'"

148 Futhi wathi, "WaMbhekisisa imizuzu embalwa, futhi Weza ngqo ngale, waphakamisa isivalo kancanyanyana futhi wabuka, wathi, 'Uyazi, ngithi ukukuthanda ukubukeka kwalowoMfo.'" Kukhona *okuthize okunye*, awusoze wabuka uJesu ngqo futhi uke uzizwe ngokufanayo futhi, *okuthize* ngakho, Uzokubamba.

149 "Ngakho wathatha iqabunga lakhe elincane *kanje*, wayeseliphakamisa, wayesethi, 'Hhe! Impela ngiMkhohlisile ngalesisikhathi, ngikhuphukele esihlahleni. Futhi yilowoMfo owazi izimfihlo zenhliziyo na? Hhe! Awu, A—Angahle abe ngumProfethi, ngakho konke engikwaziyo.' Futhi uwelela ngale *kanje*.

150 "Wama ngqo ngaphansi kwesihlahla, Wabheka phezulu wayesethi, 'Zakewu, yehla.' Akusikho kuphela ukuthi Wayazi ukuthi wayesesihlahleni, Wayelazi igama lakhe."

151 "O," uBartimewu wathi, "lowo nguYe! Leyo yiNdodana kaDavide! O, Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!" Nango Ehamba, esixukwini senkulungwane, mhlawumbe abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa noma

eziyisishiyagalombili, bememeza into *eyodwa*, ne*nye*, "Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele! Ngiyakholwa ukuthi UngumProfethi obezofika. O Wena Ndodana kaDavide!"

152 Manje, wayengenakuMthinta. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Bengingashumayela ngalokho kalula impela. O, ukukholwa okunje kuNkulunkulu okuzokwenza! Ubani na? Uzofanele abe ngumbhishobhi na? Igosa lesifunda na? Udokotela LL.D. Jones? Qhabo, mnumzane. Isinxibi, esimanikiniki, impumputhe, kodwa sasinokukholwa ngokwenele.

153 Buka umthwalo okuYe, nakho konke lokho okubhekene naYe, akungabazeki kodwa ezingutsheni zaKhe kwakukhona ukunuka kwezithelo ezibolile, nezinto ababenazo, imifino, ababeyiphose kuYe, kodwa Wayegcine ikhanda laKhe, Wayebheke eKalvari. Wonke umhlaba jikelele wawulele emahlombe aKhe, kodwa ukukholwa kwesinxibi esiyimpumputhe kwaMmisa futhi kwaMenza ame athule. Amen.

154 Ibandla elifanayo elinamandla leNkosi elamisa ilanga ngenxa kaJoshuwa. UJoshuwa wamisa i l-a-n-g-a ngokukholwa, kodwa uBartimewu oyimpumputhe wamisa i N-d-o-d-a-n-a ngokukholwa. Nalokho kukholwa okufanayo kuzoMletha esuka eNkazimulweni, lapho Elawula khona ukuhamba kwelanga umhlaba nezinkanyezi, nomhlaba nezulu, uzoMehlisela kulelitabernakele kulobubusuku, lokho kukholwa okufana njengokomntwana.

155 Wama futhi wama wathula, waqalaza. Bamletha ngale. Wathi, "Ukukholwa kwakho kukuphulukisile." Hhe! O, he!

Nango eqhubeka ehamba, inenekazi elincane limbamba ngengalo, kufanele ukuthi lathi, "Uzwile ukuthi Utheni na?"

"O, yebo! O, cabanga, Ungitshele ukuthi ngizothola ukubona kwami."

156 Udwendwe lwaluqhubeka lwehla ngomgwaqo, Wayeqonde phezulu entabeni ukuba aye ukuyobethelwa. Wathi, "Yemukela ukubona kwakho, ukukholwa kwakho kukusindisile."

157 Ngokufanayo nje njengoba ukukholwa kwakho kukusindisa esihogweni, igama elifanayo lesiGreki liyasetshenziswa, *Sozo*. Yebo, kuyafana, ngaso sonke isikhathi uma lihunyushwa, lisindiswe ngokomzimba, noma lisindiswe ngokomoya, ukukholwa okufanayo kwenza into efanayo. "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

158 O, ukukholwa kwakhe kwamisa uJesu, futhi kwaMmisa du. Ngakho, wathi, "Ungitshelile! UnguMesiya. Wayene. . . Unazo zonke izibonakaliso zikaMesiya, futhi Wangitshela ukuthi ngiyokwemukela ukubona kwami, ngenelisekile ukuthi

ngizokwemukela. O, ngenelisekile! Ngenelisekile!" Uqala ukusho.

Ngokuqondile ubonile isithunzi, "Hhe! O, sengikwamukele ukubona kwami!" Futhi washo wehla ngomgwaqo.

159 Lapho Esho noma yini, qhubeka nje ukukholwa.

160 Ngifunde indaba encane, ingahle ibe yinganekwane, mhlawumbe qhabo, angazi, ngoBartimewu, yathi wayenonkosikazi nentombazanyana. Futhi yathi ngobunye ubusuku umkakhe wagula, ngakho wa—waphuma, wathi, "Jehova, into kuphela engizoKunikeza yona . . . "

161 Babefanele babe nohlobo oluthile lokuzijabulisa ukuheha ukunaka, izinxibi zazikwenza, njengoba benza eNdiya. Uma isinxibi eNdiya singenayo into ethile yokuheha ukunaka ko—komuntu odlulayo, asisoze sathola uhlamvu lwemali, ngokungavamile ngeke, noma kanjani. Banezinkawu ezincane, inkawu encane izoshaya umfo, futhi iyogijima sengathi iyadazuluka futhi ikhala. Banemfezi, inyoka, elwa ne—nesilwane esincane, futhi ba . . . nakho konke ukubungaza, okwento *ethize-enye* ukubenza banikeze uhlamvu lwemali.

162 Ngakho, bathi uBartimewu wayenamahobhe amancane amabili, ayekhubeka phezu kwelinye nelinye. Wathi, "Jehova, anginakho okuningi, kodwa uma nje Uzovumela umkami aphile, inyanga isanda kuhamba futhi yathi uzofa, ngimdinga kabi kakhulu, uma nje Uzomvumela aphile, kusasa ekuseni ngizoKunika amahobhe ami amabili abe ngumhlatshelo."

163 Nomkakhe waphila, ngakho wanikela ngamahobhe. Amaviki athile kamuva, u . . . yathi wayenentombazane encane ayengakaze ayibone empilweni yakhe, encane, intombazane enezinwele ezisongene. Ngobunye ubusuku yagula ngokunobudlova ngempela, nenyanga elungileyo iyafika futhi, yathi, "Bartimewu, umntwana ucishe abe nokuhayiza, ngicabanga ukuthi umntwana uzofa."

"O," wathi, "Nyanga enhle, uqinisekile na?"

164 "Mayelana nokuqeqeshwa kwami kwezokwelapha kuzongazisa, ingane iyafa manje. Imikhuhlane ugijimela ekugongobaleni, futhi akukho okungenziwa ngakho."

165 Futhi wenza indlela yakhe yokuphuma, ohlangothi lwendlu ekukhanyeni kwenyanga, ezwa ohlangothini, wathi, "Jehova, anginakho ngaphandle kwento eyodwa esele."

166 Angazi ukuthi hlobo luni lwenja abayibiza kanjalo namhlanje, ehola impumputhe, ngiyakhohlwa. [Umfowethu uthi, "Inja ehola impumputhe."—Umhl.] Inja ehola impumputhe. Awu, esikhundleni se—senja ihola impumputhe ngalolosuku, babenewundlu elalihola impumputhe.

167 Ngakho uBartimewu, bathi, wayene—newundlu elalimhola, wathi, "Yilokho kuphela engifanele ngikunikeze, Jehova, kodwa

ngiyayithanda intombazanyana yami kahle kakhulu, uma nje Uzoyiyeka iphile futhi ingafi, kusasa ngizoya e—ethempelini, futhi ngizo—ngizoKunika lelowundlu libe ngumhlatshelo."

168 Intombazanyana yaphila. Ngokusa okulandelayo, wayesendleleni yakhe eyisa i—iwundlu emhlatshelweni. Futhi wathi umpristi uyaphuma, wayesethi, "Uyaphi, Bartimewu na?"

169 Wathi, "O, mPristi, nceku kaNkulunkulu, ngenyukela ethempelini ukuyonikela ngewundlu lami libe ngumhlatshelo." Wamtshela indaba yentombazane yakhe encane igula, wayesethi, "Nganikela kuJehova, ngenkathi Ephulukisa umkami, nganikela ngamajuba, kwase kuthi lapho intombazanyana yami isinda, ngaMtshela ukuthi ngiyoMnika iwundlu."

170 Wathi, "O, Bartimewu, ungeke wanikela ngalelowundlu! Nakhu, ngizokunika imali, bese uzithengela iwundlu kubashintshisi phandle lapho, ezibayeni. Thenga iwundlu, ngizokunika imali ukuba ulithenge."

171 Wathi, "O, Mpristi, lolo wuhlobo olwesabekayo lwakho, kodwa angizange ngithembise kuJehova *i*wundlu nje, ngiMthembise *leli*wundlu." Nakho lapho okhona, mfowethu. Ngineqiniso nithola ukusebenza kokomoya lapho. "Angizange ngiMthembise *i*wundlu nje, ngiMthembise *leli*wundlu."

"Ngani," wathi, "Bartimewu, ungeke wanikela ngalelowundlu, lelowundlu lingamehlo akho!"

172 Wathi, "O, mpristi, uma ngizoba qotho esithembisweni sami kuJehova, uJehova uzohlinzeka iWundlu lamehlo kaBartimewu." Yilokho Akwenzile, Wahlinzeka iWundlu. Ngalokhu okupholile, ukusa kwasentwasahlobo, uJehova wayehlinzeke ngeWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe.

173 Mangisho lokhu ebandleni lami elilindile kulobubusuku: LeloWundlu elifanayo lihlinzekelwe nina kulobubusuku. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Nokukholwa kwethu, kulobubusuku, kungaletha leloWundlu likaNkulunkulu elifanayo ngqo phansi phakathi kwethu ukwenza izimangaliso ezifanayo nezibonakaliso Azenza phambi kweJeriko, nabobonke abanye. Uyakukholwa lokho na?

Asikhuleke.

174 O Wundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe, ngiza kuWe manje ngenhliziyo yami yonke ngalabantu abagulayo. Balinda ngokubekezela, abaningi babo bemile, izitho zabo zibuhlungu, kodwa Wena unguNkulunkulu, Uzobavuza.

175 Banawo, ebekwe lapha, amaduku namaphasela amancane ezimpahla, ngibeka umzimba wami phezu kwakho eGameni

leNkosi uJesu, ngicela ukuthi Uzothumela amandla aKho nezibusiso ngakho, uphulukisa wonke umuntu ogulayo ukuthi lawa ummelile, kuleyongane encane enomkhuhlane elindele *lena*, kulowo ompofu omdala, ubabayi oyimpumputhe ohlezi lapho kulobubusuku kuleyondlu encane enaleyonduku emhlophe yokudondolozela eshaya emnyango. O Jehova, phuma udabule phakathi ngaleya, Nkosi, futhi ubaphulukise; Wena unguNkulunkulu.

176 Baningi ngaleya kulokho. . . esibhedlela belindile, umuntu ogulayo efa, onke amathemba alisekho; Wena usenguJehova uNkulunkulu. Bebengeke beze emhlanganweni, kodwa Wena ungaya lapho bekhona, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha kanjalo.

177 Ngiyakhuleka ukuthi umusa waKho uphumule phezu kwabantu manje. Siphe ukuphulukiswa kwawo wonke umuntu ogulayo olapha, insindiso kuwo wonke umphefumulo olahlekile, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele kulo lonke ikholwa, ukuze lomhlangano ungavala ngovuthondaba olukhulu ngeWundlu likaNkulunkulu libaholela ezindleleni zokulunga, kuye emithonjeni emikhulu yokuphulukisa yomusa kaNkulunkulu, kuye emachibini amakhulu ensindiso kaMoya oNgcwele waKhe. Siphe khona, Nkosi.

178 Ngibanikela kuWe manje, kanye nami uqobo, ukuze Uzikhombise Wena uqobo ukuthi ukukholwa kwethu kulobubusuku, njengesinxibi esiyimpumputhe esisanda kukhuluma ngaso, kungaletha uBukhona beWundlu likaNkulunkulu phakathi kwethu ukukhombisa izibonakaliso ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha. Futhi bonke abantu bazoKukholwa, Baba, ngi—ngiyethemba ngayo yonke inhliziyo yami, njengoba ngizinikela kuWe, ngilindele uMoya waKho ukuqinisa iZwi elishunyayelwe ngezibonakaliso zilandela. Amen.

Ng'yaMthanda,

Mkhonzeni manje.

Ng'yaMthanda,
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

O, Akamangalisi na? Asiphakamise izandla zethu nje kulobubusuku, silihamishe nje.

Manje xhawulana nesihambi esikuzungezile, ndawondawo.

Ngi. . .
. . . thenga insindiso yami
Emthini waseKalvari.

Isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,

UMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
Uyangisindisa, ungigcina kusosonke isono nehlazo,
Isimangaliso uMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

O, isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
O, uMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, ungigcina kusosonke isono nehlazo,
Isimangaliso uMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

Ngangilahlekile, manje sengitholiwe, ngikhululekile ekulahlweni,
UJesu unikeza inkululeko nensindiso egcwele;
Uyangisindisa, ungigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso uMhlengi wami, udumo . . .

O, asiphakamise izandla zethu nje lapho silicula.

O, isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, ungigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso uMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

179 O, Akakwenzi uzizwe ukahle na? He, umuzwa onje pho! Niyazi ukuthi kungani nginiculisa na? Ngiyakuthanda ukucula. Anikuthandi ukucula na? Emva komlayezo, kuzwakala nje sengathi iZwi likaNkulunkulu nje—nje liyakukolobha nya. Niyabo? Futhi-ke ngithanda ukucula okuhle kwePentecostal. Angilithandi iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile, lokho akusikho ukucula, ubamba umoya wakho uze ube luhlaza sibhakabhaka ebusweni, futhi, uyazenzisa nje khona-ke. Ngiyakuthanda nje okuhle, ukucula okuyifeshini endala. O, he! Ngiyathanda:

Isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
UMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, ungigcina kusosonke isono nehlazo,
Isimangaliso uMhlengi wami, malidunyiswe iGama laKhe!

Akamangalisi na? Niyazi, kube neculo elilodwa engihlala ngifuna ukulicula, lelo kukuthi *Akukho lutho Phakathi KoMphefumulo Wami NoMsindisi.*

180 Futhi angikaze ngikwazi ukucula, bengingekwazi nhlobo ukucula. Kodwa ngolunye lwalezizinsuku lapho nonke seniwelela esigodlweni senu esikhulu eZulwini, ngizoninika ukuqonda okuncane kokuthile, futhi konke kwehle, ezansi le lapho, lapho umi kowakho omkhulu, umnyango wesigodlo, uhambe uphume ngokunye ukusa, ezansi *le* lapho, futhi nxazonke lapho uMfula wenza khona ithuba lawo emva kokuba uphuma esihlalweni sobukhosi seNkazimulo, niyazi, kukhona ihlathi elincane elihlezi laphaya, futhi kukhona encane, indlu yezingodo, leyo ngeyami, bese kuthi-ke, lapho—lapho wehlela lapho ngokunye ukusa, uhambe uphumele egosini lakho, ulalele, ngimi ezansi lapho kulelogosi elidala. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ". . . Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe, ngangiyimpumputhe kodwa manje sengiyabona."

181 Niyazi ukuthi ngifuna nithini na? "Akabongwe uNkulunkulu, uMfowethu Branham omdala uphumelele! Nango, khona ezansi lapho manje." Yebo, mnumzane. O!

Lapho sesibe lapho iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi,
Ukukhazimula kukhanya njengelanga;
Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lwaKhe
Kunanga-mhla siqala ukuqala.

Asilicule, wonke umuntu.

Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Ngake. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
Ngangiyimpumputhe kodwa manje sengiyabona.

O, ngimthanda kanjani uJesu,
O, ngimthanda kanjani uJesu,
O, ngimthanda kanjani uJesu,
Ngoba Wangithanda kuqala.

182 Amen. Amen. Ukucula eMoyeni! Ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na? O, ngifuna ukuhlala ngale eceleni kwegquma lapho okukhona khona isihlahla esincane esibekwe ngale ngaku*lolu*hlangothi lwesihlahla sase. . . esivela emithonjeni yokuPhila futhi ngizwa amakhulu, onke amaphimbo enu nonke amnandi, iziNgelosi zihlangana nani laphaya zicula ngaphesheya koMfula, ngifuna ukuhlala futhi ngilalele iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi. O, yebo. O, ngiMthanda kanjani! Akamangalisi na? Impela kunjalo.

183 Manje, uzizwa ukahle ngempela na? Manje yilokho engikubiza ngokucula okuyifeshini endala, ukucula eMoyeni. Ngingaqoka ukuba nalokho kunawo onke lawa amancane, amaculo aqotshiwe eniwaculayo. Ngicabanga ukuthi labo babhali abaphefumulelwe, ngenkathi bebhala lawomaculo. . . Njengo-Eddie Perronet wabhala iculo lokugcotshwa ngenkathi ecosha ipeni lakhe. Wonke umuntu waye, wayengeke athenge izinkondlo zakhe nezinto, futhi ngelinye ilanga uMoya wehlela kuye, wadumela ipeni, wabhala iculo lokugcotshwa:

Bayede mandla eGama likaJesu!
Makuthi iziNgelosi ziwe lilale phansi;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

Omunye wabhala:

Lapho ngihlola isiphambano esimangalisayo,
Lapho iNkosana yeNkazimulo yafa khona
Lonke udumo lwami luwukulahlekelwa.

Omunye wabhala:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku olukhazimulayo.

Ngicabanga ngoFanny Crosby oyimpumputhe. Wathi, “Usho ukuthini uJesu uku. . .?” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .abanye Uyababiza,
Ungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ngaphezu kokuphila kimi,
Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho,
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

184 He, he, Umangalisa kanjani! Manje, lowo omkhulu, uKristu omangalisayo, Lowo esicula amahubo amadala okukholwa, okhokho bethu, emuva ezinsukwini zikaSpurgeon, uJohn Wesley, noCharles Wesley. . .UMfowethu Moore nami sama ethuneni esikhathini esingeside esedlule, ngavele ngakhala nje.

185 Ngacabanga, “O Nkulunkulu!” ngenkathi ngimi ngasethuneni likaWilliam Cowper lapho. Ngenkathi e. . . Babecabanga ukuthi wayeguliswa yimizwa. Noma yimuphi umuntu ongowomoya uthathwa ngokuthi uyahlanya, siyakwazi lokho, noma ubani. Ngakho, wangena eMoyeni, wabhala leloculo elidumile:

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,

Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zabhukuda ngaphansi kwethantala,
Lisuse lonke ibala laso lecala.

186 Niyazi ukuthi kwenzekani na? Masinya emva kokuba uMoya ususukile kuye, wazama ukuzibulala, eminza emfuleni. Yebo. UMoya wawususukile kuye, wayengazi ukuthi wayekuphi nhlobo. Lawomadoda amakhulu, engaqondwa kahle!

187 Ngama lapho, futhi ngacabanga: "Ngenkathi uCharles Wesley esezansi emfuleni ngalolosuku, noma eceleni kwechibi endlwaneni yakhe encane, isiphepho sakhuphuka, futhi wayezama ukuhamba indlela yakhe ebuyela emuva, umzwilili omncane wandizela esifubeni sakhe, futhi wawubamba kwaze kwedlula isiphepho, waphuma futhi wawubamba ngomunwe wakhe, futhi waye. . .ugqozi lufika:"

Dwala lemiNyaka, ngivulekele,
Mangicashe kuWe;

Lapho amanzi aseduze egingqika,
Ngenkathi isiphepho sisaphakeme,
Ngifihle, O Msindisi wami, ngifihle,
Kuze kwedlule iziphepho zokuphila,
Ngiphephile ekuholeni kwesifuba saKho.

O, he, amadoda amakhulu!

Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Ngokuhlukana, sishiye ngemuva
Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo ezinyawo, mhlawumbe omunye,
Ngisantweza phezu kwolwandle olunzima lwempilo,
Umfowethu olahliwe nophukelwe ngumkhumbi,
Ekuboneni, uyoba nesibindi futhi. (Ngiyakuthanda lokho.)

Ungangitsheli, ngezibalo ezidabukisayo,
Lokho kuphila kuyiphupho elingenalutho nje!
Umphefumulo ufile lowo owozelayo,
Nezinto azisikho lokho ezibonakala ziyikho.

Yebo, ukuphila kukhona! Futhi ukuphila kuyisiqiniseko!
Nethuna alisiwo umgomo wakho;
Ngokuba uluthuli, ubuyela othulini,
Kwakungakhulunywa ngomphefumulo. (O, ngiyakuthanda lokho!)

Masisukume futhi senze,
Ngenhliziyo nganoma yimuphi umbango;
Singafani neziyizimungulu, izinkomo eziqhutshwayo! (Ningaqhutshelwa kukho.)
Yiba yiqhawe embangweni!

188 O, he, lezozimbongi nezinto ngempela ziwuxhuxhumisa umphefumulo wami lapho ngifunda ngalawomadoda amesabayo uNkulunkulu azibhalayo, njengethi *Amahubo OkuPhila* lapho, uLongfellow. Nokuthi kanjani lokho, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wazibhala lezozinto, lawomadoda asendulo, njengoba kushiwo eBhayibhelini, eqhutshwa nguMoya oNgcwele abhala lawomaculo amadala eGazi, *Ngibona Umfudlana WeGazi Obomvu*, onke lawo adumile, amaculo amadala ebandla, kungcono kakhulu kunezinye zalena encane endala, izinto eziqotshiwe esinayo namhlanje, bazalwane, ngiyanitshela ukuthi kunjalo. Ngiyalithanda lelo elithi *INkolo Yakudala*, ngithanda onke lawomaculo amahle okholo.

189 Kulungile. Ngenkathi uMoya oNgcwele eselapha, sizobiza umugqa womkhuleko, futhi sikhulekele abagulayo. Wonke umuntu thola ukukholwa kwakho manje, nasenhliziyweni yakho, awudingi ukukusho emlonyeni wakho, khumbula, imicabango yakho—yakho izwakala kakhulu eZulwini kunephimbo lakho emhlabeni, niyabo, usho lokhu: "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!" Nibone uma Ezokwenza into efanayo Ayenza.

190 Zakewu, vele udonse iqabunga lakho lomkhiwane kanye, ubuke phansi, ubone ukuthi Akasalokhu enguye izolo, namuhla, naphakade, ubone uma Engenzi into efanayo. Uzokudonsela ngaphandle, akhulume kuwe, nento enhle: Uzoya ekhaya nawe kulobubusuku, ube nengxoxo naYe ngaphambi kokuba ulale embhedeni, wena nomkakho. Ikhaya lizoguqulwa, ngeke libe njengoba lalivame ukuba njalo ngaleyonkathi, lapho Eya ekhaya nawe.

191 Billy, ukuphi na? Gene, Leo, ubani okhiphe amakhadi omkhuleko na? Wena? O, o, Billy? Ukuphi uBilly na? Ini? D? Elokuqala kuya ekhulwini na? Ikhadi lomkhuleko u-D likhishiwe namhlanje. Manje, ukuze singakwazi ukuxoveka . . . Sinayo indawo eyanele lapho na? Ngiqagele besingamisa abambalwa lapho, babazalwane bethu.

Ubani ono D, wokuqala na? Kulungile, nenekazi, hamba ngqo ngapha. Manje, phendula ukubizwa kwakho. Elesibili . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

192 . . . kwenzeka, kahle. Kwakukhona indoda nomkayo, okokuqala ukuba babe kowodwa emihlanganweni yami, babehlezi ezethamelini, inenekazi liyangena, lase lihlala phansi eceleni kwabo, nenenekazi elincane lacasuka. Inenekazi lalihlezi lisondele, ngoba lalisendleleni yalo, lalenza lahlehla.

Emva kwesikhashana inenekazi elincane lalenza lahlehla. Lona re-. . . Lona owesifazane owadingeka ahlehle, wamcasukela owesifazane owayemcasula, ngakho wakhuleka, wathi, "Nkosi, bengingafanele ngikwenze lokho. Ngithethelele, bengingakuqondile."

Kwase kuthi-ke, inenekazi elalingaphambili elalimcasukele, lathi, "Dadewethu, ngiyaxolisa. Bengingaqondile ukwenza lokho."

193 Futhi ababili, indoda nonkosikazi babegula. Futhi, o, isikhashanyana nje emva kokuba sekwenziwe, ngibonile iNgelosi yeNkosi imi phezu kwabo, yababiza ngegama futhi yabaphulukisa bobabili, yase ibathumela emuva ekhaya labo. ILake Charles izokwazi ngakho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

194 . . . thatha isihlalo esingemuva, dadewethu, mfowethu. Nikhethe omunye nomunye. Kulungile. Amashumi amabili nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu. Kulungile. Amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

195 . . . uMoya uyehla, wamtshela ayekwenzile usuku lonke, nalokho ayekade ekwenza, ayekufuna, futhi o, he, wathi, "Asisekho isidingo kimi ngimile, nhlobo." Futhi washo waphuma ngomnyango. O!

Angisoze ngaMshiya,
Angisoze ngashiya . . . (Nikusho ngempela na?)
Angisoze ngaMshiya,
Ngoba Wangithanda kuqala.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Phansi . . . ngakhala ukuhlanzwa esonweni;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo . . . (Amashumi amane kuya emashumini amahlanu manje. Amashumi amane-nanye, -nambili, -nathathu, -nane, -nanhlanu.)
Udumo eGameni laKhe eliligugu!
. . . enhliziyweni yami iGazi labhecwa,
Udumo eGameni lakhe! (Amashumi amane-nesithupha, amashumi amane-nesikhombisa.) [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . sindiswa ngokumangalisayo esonweni,
UJesu kamnandi kakhulu . . .

Lapho esiphambanweni lapho Angingenisa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Sicula, udumo kwelaKhe . . .

Asikhothamise amakhanda ethu manje sisacula.

Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Manje ngokuthula. Manje ngenani kuMoya.

O, lapho enhliziyweni yami kwakuyi . . .

Ngabe onke amakhadi omkhuleko asephezulu manje na? Unekhadi lomkhuleko, yana ngale emgqeni. Manje ngokuthula nangenhlonipho yokuzithoba manje.

O, woza, kuloMthombo ocebe kangaka nomnandi;
Manje, phonsa owakho . . . umphefumulo ezinyaweni zoMsindisi;
Bhukuda phakathi namhlanje, futhi uphheleliswe;
Sicula, udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

196 Nkosi eyigugu, njengoba i-ogani idlala lelohubo elidala elimnandi, baningi phakathi lapha, Nkosi, abangahlanganyela kulenhlanganyelo, ukwazi ukuthi yilapho izono zethu zonke zasuka khona, ngenkathi sibhukuda ngokukholwa ngaphansi kwalowoMfudlana obomvu tebhu, umbani ubaneka, imidumo iduma, iGazi leNdodana kaNkulunkulu, imithambo ka-Emanuweli yayopha, njengoba leyomvula yathululeka phansi ngasesiphambanweni, ixutshwe neGazi namanzi, yathululelwa phezu kwemiphefumulo yethu, Nkosi, ngokukholwa. Siyohlala njalo sicula elithi *Udumo EGameni LaKhe*. SiyaKubonga ngalokhu, Baba.

197 Manje, njengoba nje ngiye mhlawumbe . . . Nje thethelela izindlela zami zobuluhlaza, Nkosi, zokuletha iZwi laKho, kodwa mina, kungokuhle ukwedlula konke engingakwenza. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokwemukela, futhi utshale ezinhliziyweni zabantu inhloso yakho, Baba, kungokokuletha ukukholwa kubantu.

198 Manje, bayazi ukuthi Wawuyini, njalo ebusuku sisondele emBhalweni ohlukile ndawondawo ukufakazisa ukuthi Wena . . . lezozibonakaliso ezifanayo zobuMesiya, ndawo

zonke emBhalweni, Ugcwele zona nje, Nkosi. Mhlawumbe babengakaze bakufunde phambilini, bakufunde ngqo.

199 Benzenjalo nabaFarisi nabaSadusi bezinsuku zabo, abafundisi, bakufunda ngqo, ukuthi Wayezoba yilokho. Akungabazeki ngalo kanye usuku Abethelwa ngalo, bangahle ukuba bacula ethempelini ngalokho kusa amaHubo 22, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, UNgishiyeleni na?" O Nkulunkulu, vula amehlo okomoya. Siphe ukuqonda, njengoba sizinikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

200 Manje, umzuzwana nje. Manje, niyawubona lowomugqa omkhulu wabantu. Ayikho indlela kimi ukuba ngibe... Ngabe ukhona noma ubani lapha ongakaze abe komunye wemihlangano lapho ukubona okufihlakele ku... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

201 ...futhi—futhi njengoba nje ngenza, udla njengoba ngidla, ulala njengoba ngilala, u—ungumuntu uJesu amfelayo.

202 Manje, ngiyayilahla imfundiso yebandla eliKatolika, kunjalo, kodwa hhayi indoda eyiKatolika. Impela. Futhi uma ngike ngafika endaweni engingeke ngafinyelelisa ingalo yami kude nje kwiKatolika njengoba ngenza ngePentecost, khona-ke bengifanele ngibuyele eKalvari futhi, kukhona okungalungile kimi; uJesu weza ukuzofinyelela kunoma ubani. Futhi kowe-Oneness, iTwoness, iThreeness, iFiveness, noma kungaba yini, akukho-mehluko, ngifuna ukufinyelela engalweni.

203 Ngenkathi ngiqala ukungena kulokhu njengomfundisi oyiBaptisti, ngani, elinye iqembu lathi, "Woza, ujoyine iqembu lethu."

Omunye wathi, "Woza ujoyine iqembu lethu."

Ngathi, "Bazalwane, ngiyanithanda nobabili."

"Uzofanele uze kwelilodwa, ngeke nje sikuvumele."

Ngathi, "O, kodwa uNkulunkulu uzokuvumela, niyabo. Ngizoma ngqo phakathi kwenu nengalo yeluleke nhlangothi zombili, futhi ngithi, 'Singabazalwane!'"

204 "Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami, futhi luyoba njalo ngize ngife." Niyabo? Kunjalo. Thola uthando enhliziyweni yakho, futhi ube neqiniso futhi wethembeke, futhi ube nohlobo olulungile lwenjongo, nohlobo olulungile lwempokophelo, futhi uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye uma injongo yakho ilungile, nempokophelo yakho ilungile. Uma impokophelo yakho ilungile, nenjongo yakho iyiphutha, ngeke kusebenze. Kodwa lapho uthola okwakho...Uma wazi ukuthi yintando kaNkulunkulu, khona-ke injongo yakho ilungile, nempokophelo yakho ilungile...

205 Njengamanje, nanti iqembu labantu. Kade ngikhuluma ngaYe enguMesiya enisengamthinta, Angikhulumi ngakho

ngoba *ngi*cabanga kanjalo, ngikhuluma ngakho ngoba i*Bhayibheli* lasho njalo. Manje, isizathu . . .

Wena uthi, "Mfowethu Branham, awesabi yini ukuthi Uzo . . .?"

"Qhabo, mnumzane."

206 Manje, uma bengifuna ukuthi, "Bukani lapha, ngingakwenza *lokhu*. Niyabona ukuthi ngingumfo omkhulu kanjani na?" Kungcono ngithule, futhi ngihambe ngisuke emsamo khona lapho, ngoba akusoze kwasebenza. Niyabo?

207 Iyini injongo yami na? Ukuncibilikisa lababantu ndawonye, njengabantu bakaNkulunkulu.

208 Uthi, "Ngiyanitshela, nonke nina bantu, ngingoweBaptisti, nonke wozani ngapha, joyinani iBaptisti." "Ngiyi-Oneness." "NgingokaZiqu-zintathu." "NgiyiThreeness," noma "Twoness," kumbe noma ngabe yini onayo, angazi. Bonke: "Ngingowa*leyo*."

209 Qhabo, mnumzane. Ngingumfowenu, ngingokaKristu, singabomunye nomunye. Ngakho lokho kwenza injongo yami, impokophelo yami ibe ilunge, injongo yami ilungile, ngakho khona-ke, Wathi, "Yishoni kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi." Futhi kuyintando kaNkulunkulu kimi ukuba ngikwenze, kungenjalo Ubengeke neze angithume, nakho lapho okhona. Uma uthola yonke into isebenza kahle, nenjongo yakho nempokophelo ilungile, ungasho kunoma yini, inqobo nje uma kuyintando kaNkulunkulu, kuyokwenza.

210 Kodwa uma ngifuna uku, asithi, ukuba yiyembe elikhulu elihlohliwe, ukungenzela uhlelo olukhulu ndawondawo, futhi ngifakwe ekusakazeni okuthile, emhlabeni wonke, noma okuthize, manje lokho akulungile. Angi . . .

211 UJesu wayesilele ngento eyodwa. Niyazi ukuthi kwakuyini na? Umbukiso, Wayengesuye umbukisi. Niyabo? Qhabo, qhabo, qhabo. Bathi, "Kungani uzilulaza nalesisigejane sabagingqiki abangcwele ezansi lapha, abadobi, kanjalonjalo na?"

Umfowabo wathi, "Khuphukela kumpristi omkhulu. Yenyuka, futhi uzibonise, ukuthi ungenzani, uma ungu*S'bani-bani*."

Wathi, "Isikhathi sakho sikhona njalo, esaMi asikafiki."

212 Kunjalo. Akenyukanga nabo, ngisho nabo, Akenyuki namhlanje. Akasuye umbukisi, UyiNdodana kaNkulunkulu. Amen. Siyakukholwa lokho. O, Akamangalisi na? UJesu, iNdodana kaNkulunkulu.

213 Manje, angikwazi ukuba nokubona okufihlakele kulomugqa, niyabo, kodwa sizokhuleka. Ngaphambi kokuba ngikwenze, ngifuna ukuqiniseka, uma ngingakwazi, uMoya oNgcwele uzongisiza, ukwazi ukuthi amandla kaNkulunkulu alapha, ukuze nibone ugcobo.

214 Manje bukani, zonke lezizethameli, asenze nje lokhu kube elamanqamu kulobubusuku, niyabo, lezizethameli phandle lapha, wonke uyisihambi kimi. Munye kuphela umuntu. . . Lamantombazanyana amabili ahlezi lapha, lawo amantombazane kabhuti wami, amantombazanyana ka-Evans. Mfowethu Evans, ukuphi wena na? Angikaze ngikubone.

Nginitshele okuthize ngoMfowethu Evans, sisalindile. Ngilindele okuthize. Besidoba esikhathini esingeside esedlule.

215 Ngifika kanjani ukuba ngijwayelane nalendoda ekahle nomkayo, uMfowethu Mercier wangethula kuye. Ekuseni ngaphambi kokuba ngisuke ehhotela (Kwakungesikho lokho ePhiladelphia noTheo Jones eMet na?), noMfowethu Mercier wathi, "Kunendoda ekahle egama linguWelch Evans, ifuna ukuhlangana nawe," unkosikazi wayenami. Ngavuka ngalokho kusa, nomfanyana wami, uJoseph. . .

216 Nonke niyazi ngoJoseph omncane, iminyaka eyisithupha ngaphambi kokuba afike, ngambona embonweni. Udokotela wathi umkami wayengasoze abe nomunye umntwana, ngathi, "O, yebo!"

Ngakho ngenkathi umntwana olandelayo ezalwa, kwakuyintombazane. Bathi, "E-hhe. Ubuqonde u*Josephine*."

217 Ngathi, "Bengiqonde u*Joseph*!" UNkulunkulu akawakhulumi amanga.

218 Futhi manje, ngakho cishe eminyakeni emine kamuva, yena, sasazi ukuthi wayezoba ngumama futhi, ngakho bathi, "Lona ngabe uJoseph na?"

Ngathi, "Angazi."

Udokotela wathi, "Akakwazi ukuba naye, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Uzoba naloyo."

219 Ngakho, ngenkathi umhlengikazi ehla, ngangihamba kukhaphethi kwiphansi, niyazi. Futhi wehla, wayesethi, "Mfundisi Branham?"

Ngathi, "Yebo, mem?"

Wathi, "Unomfana okahle, amaphawondi ayisikhombisa nama-awunsi amathathu."

Ngathi, "Joseph, usube nesikhathi eside ufika lapha. Ubabayi uyajabula ukukubona!"

Futhi ngakho, wathi, "Umbiza ngo*Joseph*."

Ngathi, "Lelo yigama lakhe."

220 Futhi uJoseph wayenami lapho, iminyaka emine ubudala, sekube neminyaka emibili edlule, qhabo, wayeneminyaka emithathu ubudala, futhi, useneminyaka emihlanu manje, futhi ubona imibono, futhi lapho evuka ngalokho kusa, washo, ehlezi

eceleni kombhede, yena nami silala ndawonye ezingalweni zomunye nomunye, futhi singobhuti bangempela, futhi wathi, "Babayi," wathi, "UDavid uzolimala esithuthuthwini. Uzohlinza umlenze wakhe ngaku*lolo*hlangothi."

Ngathi, "Ukuphuphile lokho na?"

Wathi, "Qhabo. Babayi, ngakubona khona lapho."

221 Savele sakumaka phansi encwadini. Lapho sifika ekhaya, uDavid, umfana omncane ongumakhelwane wethu, ezinsukwini ezimbili emva kokuba sisekhaya, wagibela ehla ngomgwaqana ngesithuthuthu futhi wahlinza uhlangothi lwakhe, njengalokho ncamashi akusho.

222 Ngiyahamba ngolunye lwalezizinsuku, bangane, ngizoshiya izwe. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzothatha umoya Angivumele ngibe nawo, bese ebeka okuphindwe kabili phezu kwendodana yami, uJoseph, ukukhanyisa ukuKhanya ngisahambile.

223 Futhi ngakho-ke, bengilindele uBilly . . . UBilly ungomunye wabafana abakahle kunabo bonke izwe ebelinga . . . Akabizwanga enkonzweni. Manje, angifuni ukuhamba ngaphandle kokuba nomuntu ozongimela, athathe indawo yami lapho sengihambile.

224 Futhi ngaqala ukunyakaza, futhi ngibone uMfowethu Welch Evans (bengingafanele ngisho lokhu, Dadewethu Evans. Uzongithethelela wena na?), wayebambe izinhlanzi eziningi kakhulu, futhi wayezifihlele umqaphi wezinyamazane. Futhi ngambona phezulu lapho embonweni, babenazo esakeni, futhi wazifihla kabili noma kathathu. Futhi ngathi, "Angazi noma leyo yileyondoda efanayo na? Bangitshela ukuthi uyathanda ukudoba ezansi eFlorida."

225 Ngakho ngawelela lapho ngalokho kusa. Ngenkathi ngingena, uMfowethu Mercier emuva lapho nami, sangena ndawonye, futhi ngathi, "Yileyondoda. Yileyo."

226 Ngakho emva kokuba esengethule kuye, ngathi, "Mnu. Evans?" futhi ngakhuluma naye. Ngathi, emva kokuba sesixoxe isikhashana, ngalungela ukuhamba, ngathi, "Mfowethu Evans, uyangithanda na?"

Wathi, "Impela."

227 Ngathi, "Lapha esikhathini esingeside esedlule wawudoba ohlobweni oluthize lomfudlana omile izihlahla. Ubunesaka eligcwele izinhlanzi, ubuzama ukuzifihla kumqaphi wezinyamazane."

Wathi, "O, he, he!"

Ngathi, "Into eyodwa nje engizokucela yona: Ngiyise ukuyodoba lapho."

Wathi, "Kulungile."

228 Ngakho-ke umfowabo uyisoni, futhi walunywa yinyoka yomhlabathi enomsila okhehlezelayo. Noma ubani uyazi ukuthi iyini inyoka yomhlabathi enomsila okhehlezelayo na? Ingeqinile ngempela. Futhi umfowabo wayesesibhedlela, futhi wahamba phezu ngendingilizi isikhathi eside, kwakungenjalo, Mfowethu Welch na? Endingilizini.

229 Ngakho, uMfowethu Welch nami sabuyela lapho, sathola izinhlanzi ezinkulu eziyishumi nanye ngalolosuku. O, he, kuhle kanjani! Futhi nganginenkulukazi inhlanzi ibass, futhi angikwazanga nje ukuyibamba. NoMfowethu Welch wenyukela lapho, wayenemikhono yebhulukwe igoqwe yonke, wathi, "Awukwazi ukuyibamba na?"

230 Ngathi, "Inkulu kakhulu! Ifanele ibe nesisindo samaphawondi ayishumi nane, ayishumi nanhlanu." Futhi nganginayo lapho, futhi yavele nje yagijima phezu kwamacembe, ngase ngiphosa isicupho esisanyosi ezakhela yodwa esincane futhi, nangu eza. Futhi enye yashayeka futhi, futhi kwakungenhle, cishe amaphawondi ayisishiyagalombili noma ayishumi, kodwa angikwazanga ukuyibamba. Futhi emva kwesikhashana ngathi ukuyibhaxabula phansi, ngaqala ukuyingenisa.

231 UMfowethu Welch wathi, "Ngizoyithola." Futhi ngaphandle kokucabanga, wagxumela kulezo zitshalo ezisathani nangaphansi kwalawo macembe, ukuba abambe izinhlanzi engafake zicathulo, nenyoka yomhlabathi enomsila okhehlezelayo yambamba. Nanso inyoka yedlula e. . .

232 Futhi wagxuma waphuma lapho, wayebambe unyawo lwakhe *kanjalo*, njengethambo ligodola phakathi lapho, namazinyo akhe ehlangene, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe.

233 Ngase ngibuka, igazi liphuma ezindaweni ezimbili, liqhelelene kakhulu *kangako*, wathi, "O, he!" Awu, ngi. . . Uyindoda enkulu kakhulu. Ngizomthwala kanjani cishe amamayela amabili noma amathathu kulawomaxhaphozi na? Futhi kwenzeka ngacabanga. Ngase ngithi, "O, Mfowethu Evans! O, he, Mfowethu Evans!"

Futhi iNto ethize yathi kimi, "NgiluSizo olukhona impela ngesikhathi senkathazo." Angikaze ngikubone ngaphambilini.

Ngabeka izandla zami phezu konyawo lwakhe, ngase ngithi, "Manje, Mfowethu Evans, umzuzu nje—nje."

234 Ngase ngithi, "Baba waseZulwini, sisesimweni esiphuthumayo. Futhi ngi—ngiyazi ukuthi iZwi laKho liyasho, ukuthi i, ukuthi bayakunyathela emakhanda awofezela nawezinyoka, futhi akukho lutho oluyakubalimaza. Lendoda iyikholwa, Ingumntwana waKho. Futhi ngibeka isandla sami phezu kwayo, eGameni likaJesu Kristu, ngikhuza lobo buthi obuyisihlungu obuvela kuleyonyoka!"

Futhi ngamuzwa eyeka ukububula, ngasusa isandla sami, wathi, "Anginabuhlungu."

235 Saqhubeka nokudoba lonke lolosuku. Ngalobobusuku ngenkathi bengena, babelapho bexoxa, sasinalezo zinhlazi ezimnyama ibass ezinkulukazi, ezithi azibe zinde *kangako*, zilenga.

236 Cishe ngeleshumi nanye nqo umfowabo uphumela lapho, ngakho wayesaqhuga kancane ngonyawo lwakhe. Futhi wayengesilo ikholwa, wayengumfana oyisoni, umfo okahle, indoda ekahle kakhulu. Ngibheke ukumholela kuKristu ngesikhathi esilandelayo lapho ngehla, ngimbhaphathize phandle lapho, elinye lalawo machibi.

237 Futhi ngakho, khona-ke ngenkathi siphumela lapho, futhi uphethe isitolo sokucupha, futhi sasisendaweni ehhotela elincane ngapesheya kwesitaladi ukusuka kuso eFort—Fort Pierce. Futhi ngakho, umfowabo uphumela lapho, futhi ngangitshela umfowabo ngakho. Futhi ukubonile lokho kulunywa yinyoka, wathi, "Manje, Mfowethu, kuhle ukukholwa, kodwa hhayi ukuhlanya!" Wathi, "Kungcono uye kudokotela khona manje!" Wathi, "Uyazi ukuthi lokho kwangenza ngalala kanjani esibhedlela kanjalo."

238 UMfowethu Evans uthe, "Ngilunywe namhlanje ekuseni ngeleshumi nanye nqo, lokhu sekucishe kube ngeleshumi nanye nqo kulobubusuku, noNkulunkulu unginakekele ngomusa waKhe isikhathi eside kangaka, Uzonginakekela yonke indlela."

239 Akaze ahlikihlwe noma iphunga lanoma yini. Kungumusa omangalisayo, iNkosi yethu uJesu Kristu.

240 Ngiyawazi lawomantombazane amancane, uMfowethu noDadewethu Evans. Futhi ngikholwa ukuthi lona nguMfowethu Willie ohlezi lapha, umdwebi odwebe izithombe zabo. . .izwe lebandla. Bekunguwe. . .? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .leyoNsika yoMlilo. Wawulapho, Willie, ukubona lokho na? Wawulapho, Mfowethu Evans na? Dadewethu? Bangaki osesakhiweni owayelapho ebandleni ngalokho kusa, ukukubona na? Kulungile. Imizuzu eyishumi nanhlanu Ime khona lapho, ibonakala phambi kwabantu abacishe babe ngamakhulu amane bemi lapho beYibuka. Amen. Kunjalo. UyiNkosi uJesu, futhi leyoNgelosi efanayo kaNkulunkulu ikhona lapha manje. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

241 Manje, kini phandle lapho, singawuletha lowomugqa wedlule cishe emizuzwini eyishumi, singathola nje uMoya oNgcwele uhamba nathi. INkosi iyazi ukuthi ngiyafakaza ukuze nje nizobona ukwakha ukukholwa kwenu.

242 Uma bengingaqala ukusho engiMbone ekwenza, enze kulezi, inkonzo yami, engibone uJesu Kristu ekwenza phambi kwamehlo ami, bebengenza imiqulu yezincwadi. Nsuku zonke

nje, njalo ngehora, ungacela nje uMfowethu Moore, lababantu abahambahambayo, nomaphi, noma iyiphi indawo, kuhlala njalo njalo nje ngaso sonke isikhathi, ekhaya, phandle lapho, nanoma yikuphi, uMoya oNgcwele ukhombisa nje, ungisuse endaweni, ungiyise *ngapha*, *ngapha*. Uma nje uzinikela kuYe, uyabo? Kunjalo.

243 Abazalwane owaziyo, oke waba semihlanganweni, futhi owaziyo, noma okade ekhona nami emihlanganweni, naphezulu—phezulu ekhaya, nakuyo yonke enye indawo, ngabe lezozinto zinjalo, bazalwane na? Phakamisani izandla zenu uma zinjalo. Kunjalo. Izinkulungwane zingakufakazela lokho.

244 Manje yibani nokukholwa. Futhi uma uMoya oNgcwele uzosikhombisa . . . Kuyini . . . ? Ababili noma abathathu ungufakazi. Ngabe kunjalo na? Ababili noma abathathu ungufakazi. Yiba nokukholwa manje. Phakamisani izandla zenu futhi manje, ukuze ngibone.

245 Awekho amakhadi omkhuleko. Uma unekhadi lomkhuleko, ngena emgqeni. Kungukuthi, uyagula, futhi angikwazi, noma unesicelo enhliziyweni yakho, noma okuthize, phakamisa izandla zakho. Ngokuqinile.

246 Unaso esisodwa na? Wena? Asikhulume mina nawe, usondele kimi ngqo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyangikholwa na? Uma ngingakwazi, ngoMoya oNgcwele, ngembule kuwe ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela njengokuvela eNkosini na?

Ngabe zonke izethameli zizokwenza into efanayo na?

247 Nkulunkulu, kungokwenkazimulo yaKho.

248 Wena unenkathazo ngamadolo akho nemilenze. Kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Kulungile, hamba uye ekhaya futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, uJesu Kristu uyakuphilisa.

Ukhona omunye okholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Lindani, nakhu Kuhamba, naKhu, lindani umzuzu nje.

249 Leyondoda ehlezi khona lapho, ikhulekela unina esibhedlela, inkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa, Mfowethu na? Kulungile, mnumzane. UNkulunkulu akubusise.

250 Ngiyisihambi endodeni. Angiyazi. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Lelo yiqiniso, nokho, akusilo na? Uyakholwa manje na? Bathintani—ni na?

251 Nanti inenekazi elincane lihlezi lapha likhuleka nje ngenhliziyo yalo yonke, akusikho okwalo, okokusindiswa komyeni walo. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho, nenekazi.

Kulungile. Uma nje ukholwa uNkulunkulu!

252 Nango emuva lapho, isibhono, inkathazo yenhliziyo. O, he, kukuyo yonke indawo nje. Uyakholwa manje na? Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke manje na? Phakamisa isandla sakho nje. Lokho nje kuya e. . . Angikwazi ukungena kulokho kujule kakhulu, ngoba angikwazanga ukwedlulisa umugqa.

253 Ngabe UnguNkulunkulu phandle lapho na? Ngabe UnguNkulunkulu phezulu lapha na? UnguNkulunkulu eZulwini, UnguNkulunkulu emhlabeni, UnguNkulunkulu yonke indawo. (Ngifanele nje ngithole umzuzu, Mfowethu Jack, ukuba ngifike ngalendlela. Niyabo?) Uyakukholwa okuzwile nokubonile na? Uyakholwa ukuthi kuvela kuNkulunkulu na? Ngabe abantu phandle lapho bakholwa okufanayo na?

254 Uma uNkulunkulu ezokwembula kulo wesifazane ukuthi iyini inkathazo yakhe, noma, noma ngabe kuyini, angazi. Siyizihambi, ngiyethemba, omunye komunye. Wena uyi . . . Yena uyi . . . Yena ubenekhadi lomkhuleko, ubenalo na? Kulungile.

255 Ikhadi lomkhuleko, umfana uyafika nje futhi axube lamakhadi omkhuleko, futhi kwenzeka nje wahosha elilodwa, yilokho kuphela, niyabo. Niyabona ukuthi Angenzani phandle lapho. Manje, ngabe leso yisibonakaliso esifanayo impela uJesu asikhombisa futhi wafakazisa ukuthi WayenguMesiya ngenkathi Elapha emhlabeni na? Uyakukholwa lokho na? Uyakholwa.

256 Futhi uyakholwa ukuthi uJesu ulapha emhlabeni, kulobubusuku, esimweni somoya, obizwa ngoMoya oNgcwele; futhi Uphila eBandleni laKhe ngeGazi loMhlatshelo waKhe; Wavula futhi wadiliza iveli ngokuchitheka kweGazi laKhe, futhi wenza indlela ukuthi wena nami sikwazi ukungena kuleyoNkazimulo yeShekina, ukuthi Angakhuluma lapha, athathe izindebe zami futhi akhulume kini njengamakholwa amabili, futhi ahambe phakathi kwethu, futhi akhulume phakathi kwethu, futhi embule kimi zona impela izinto Azenza lapho ukufakazisa ukuthi Akafile, kodwa uphila kuze kube phakade na?

257 Awukho lapha ukuba uphulukiswe, uphulukisiwe. Kunjalo. Kodwa ulapha ngenxa yomyeni wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Kulungile, unenkathazo yesisu. Kunjalo. Wena unendodana, yingalesosizathu usamile uphakamise isandla sakho. Ufuna ngikutshele ukuthi yini engalungile endodaneni yakho na? Inenkathazo ngehlombe layo. Kunjalo impela.

258 Ngibona omunye umfana, ngumshana. Yebo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela inkathazo yakhe na? Kulungile. Inkathazo ngomshana wakho, unenkathazo yesisu, unokwethuka. Futhi nazi izinto ezimbili bobabili abazidingayo, yinsindiso, ngoba bobabili bayizoni. Lowo ngu-

ISHO KANJE INKOSI. Kholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

Baba Nkulunkulu, lentombazanyana ethandekayo . . .

Nonke khulekani kanye nami, ngiyacela, manje ngalababantu.

Baba, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa into encane futhi uyisindise, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

Lokho kuhle.

Nkulunkulu, eGameni likaKristu mphulukise.

Woza, Dadewethu.

Wonke umuntu ekhuleka manje.

Manje, Dadewethu, uma bengingaqondisa isandla sakho, bengingakwenza, angikwazi, kodwa ngingakhuleka.

259 Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, kwangathi lesisandla singaqonda. Kwangathi angahamba njengoBartimewu ngamehlo akhe, asuke kulomsamo ekholwa. EGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise manje, Dadewethu.

Baba wethu waseZulwini, ngithatha isandla salona wesifazane futhi ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

260 Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe, kodwa noma ngabe ngikushilo noma qha, ubuzokukholwa, empeleni na? Niyabo, Uma ngiqhubeka nakho konke ukubona okufihlakele okuphelele, niyazi ukuthi kwenzani na? Kuyangihlakaza. Kodwa umhlane wakho uphulukisiwe uhlezi esihlalweni, ngakho qhubeka uye ekhaya . . .?. . .

Futhi uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, isifo samathambo ngeke sisakuhlupha. Hamba, ukholwa . . .?. . .

Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa futhi umsindise, eGameni likaJesu. Amen.

Kukholwe. Hamba ukholwa . . .?. . .

Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kukadadewethu futhi ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu.

Qhubeka ubuyele e . . .?. . . Qhubeka ukhuleka. Qhubeka ukhuleka.

Imikhuleko yenu, bangane, niyiBandla likaNkulunkulu. Khulekela lababantu. Kuthiwani uma kungumama wakho, ubaba, umyeni wakho, umkakho na?

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa futhi umsindise, eGameni likaJesu, ngiyakucela. Amen.

261 Ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele luseza manje, woza nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uNkulunkulu uzo—uzophulukisa. Uyakukholwa lokho na? Uyakukholwa na?

262 Ngi—ngi . . . Lalelani, bangane, uma nje nginithulisa umzuzu nje, lalelani. Akunandaba ukuthi kukuphi . . . Niyabo, anifanele nicabange ukuthi uMoya oNgcwele usukile lapha, ngoba angikhulumi kuwo wonke umuntu. Bengi . . . Bebeyobe sebekade bengikhiphile, ukuba bekuyilokho. Bangaki oqondayo ukuthi iNkosi yethu, ngenkathi o—owesifazane ethinte ingubo yaYo, Yezwa amandla ephuma kuYo na? Kanjani . . . ? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Bangaki owaziyo ukuthi umprofethi obizwa ngoDaniyeli ubone umbono owodwa, futhi wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi ngakho na?

263 Ucabanga ukuthi ngibazi kanjani labobantu, konke ngabo, nezinto ezinjalo, uma bekungesiwo umbono na? Bengiyoke ngikwazi kanjani ukukwazi na? Manje-ke niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Amandla . . . Ngi . . . Uma nje ngi . . . Ngibona abantu beza. Uzwa lokho kungqangqazela kubashaya, bese kuthi-ke nje ufanele u—ufanele nje uphendule ikhanda lakho, bese ubeka izandla zakho phezu kwabo bese uqhubeka. Kungani uMoya oNgcwele ulapha, Uzokwenza umsebenzi ofanayo, iNkosi izokwembula. Akusikho nje ngoba lowo wedlula, noma okuthize.

264 Lapha, uphi olandelayo na? Ngabe lokhu . . . ? Lapha. Kulungile. Siyizihambi omunye komunye, asisizo na? Angikwazi, awungazi. Uma lokho kunjalo . . . Ungizwile ngishumayela phambilini, kodwa ukukwazi, mhlawumbe nje uhlale phandle ezethamelini ndawondawo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uma ngizokwazi-ke, ngomusa kaNkulunkulu, ukwembula kuwe ngoMoya kaNkulunkulu, izinto . . .

Wena uthi, "Ukhulumelani ngami, Mfowethu na? Kungani wena u . . . ?"

265 Ngibamba umoya wakho, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni. Uzoba nakho, thatha izwi lami ngalokho. Kodwa uma Ekumemezela ukuthi kunjalo, khona-ke kunjalo, ngikhulume iqiniso. Niyabo? Bese kuthi-ke, uma ngizisho ukuthi aKusimina, ukuthi NguYe, ngikhulume iqiniso. Nanto iZwi laKhe, liyakumemezela. Niyabo? Kungentando yaKhe evumelayo ukuthi ngiyakwenza. Niyabo? Uyangivumela ukuba ngikwenze.

266 Manje, uhlushwa ukwethuka, ukwethuka kwangempela. Kunjalo. Futhi ube nokuhlinzwa, ukuhlinzwa esiswini. Kunjalo impela. Awusuye owakulelidolobha, uvela endaweni ebizwa

ngeVidor, noma into ethile efana naleyo. Vidor. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani wena na? Kulungile, Nkk. Beech, ungabuyela ekhaya, uphile...?...

267 Uyakholwa na? Manje, qhubeka nje ukhuleka, qhubeka emkhulekweni lapho lababantu bedlula, qhubeka nje ukhuleka.

Nkosi Jesu, phulukisa lendoda, ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Hamba ngendlela yakho uthokoza manje.

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...lokhu, ngikhulekela umfowethu umkhuleko wokukholwa, eGameni likaJesu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...manje, ngayo yonke inhliziyo yakho, ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ubekahle. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...umuntu, ubonakala enomoya omuhle. UngumKristu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo na? Ucabanga ukuthi umyeni wakho uzophila, leyonkathazo yeso, enokuguliswa okungahambisani nomzimba wakhe, kanjalonjalo na? Hamba ukholwe manje, futhi uzophila. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...mphulukise eGameni likaJesu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...Lubbock. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

Baba wethu waseZulwini, ngiyasikhumbula isikhathi lapho ngiyongena endlini eyingumhume yokuzipholela ukuyokhuleka ngenkathi i—isimo esiphuthumayo sasikhona, futhi into enkulu kangaka oyenzile ekhaya labo. Ngiyakhuleka, Baba, manje ngazi ukuthi yini engalungile, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa futhi unikeze isifiso senhliziyo yakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

268 Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Yebo. Asindise lokho kuhlinzwa, akuphilise, uma ukukholwa. Ucabanga ukuthi kuyini na? Awu, ubucabanga ukuthi bekuyithumba, yisimila, ubucabanga ukuthi bekuyithumba, ucabange ukuthi bekungumdlavuza. Ubunezinto eziningi, kodwa kwenza mehluko muni, inqobo nje uma Ekuphulukisa na? Ngabe kunjalo na? Okudingayo ngukuphakama okuncane ekukholweni, akunjalo na? ukukwenza wenyuke. Sarah, qhubeka uye ekhaya, futhi usinde. UJesu Kristu uyakuphilisa...?...

Baba Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, mphulukise. Kwangathi izihawu zikaNkulunkulu zingaba nomntwana.

Mphilise. Kwangathi umama angawubona umehluko omkhulu kuye, Nkosi! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Jesu, kwangathi kungaba njalo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa. Amen.

Cela futhi ku . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Mnike isibindi ukuba abe nokukholwa futhi akholwe. Izibusiso zaKho siphezu kwakhe, kade zikhona kusukela ekudleni kwasekuseni. Ngiyakhuleka ukuthi Uzomvumela akubone, Nkosi, futhi azi ukuthi lemithambo esilulekile ilungiswe. EGameni likaJesu. Amen.

Ungangabazi, kholwa.

Woza, mfowethu.

Baba wethu waseZulwini, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi, njengoba othandekayo wakhe emhola, kwangathi uKristu angahola kusukela manje kuqhubeke, Nkosi ethandekayo, emphilisa, embuyisela ngqo emuva futhi. Amen.

Ungangabazi.

Woza, ukholwe.

269 Uyakholwa na? Wonke umuntu uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yiba nokukholwa nje.

Sawubona? Omusha onamandla, obukeka ephilile, kodwa ungeke njalo uhambe nalokho. Ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele ungangitshela inkathazo yakho na? Uyakholwa na?

Izethameli zikholwa yinto efanayo na? Uma uKristu ehlala enguKristu, Angakwenza.

270 Into ethize exakile ngawe, yingalesosizathu Engimisile. O! Ngiyakuthakasela. Manje, ukuphulukisa, angikwazi ukuphulukisa, nenekazi, ngiyindoda. Kodwa ukuphila ngeke kwafihlwa manje. Ulapha ngomuny'umuntu, ogula ngokuyingozi, nikubiza ngomdlavuza emgudwini wegazi, igama elifanele ilukhemiya isifo sokuphelelwa yigazi. Esibhedlela, hhayi lapha, ngale eLouisiana. Kunjalo. Lokho ngukukholwa okuhle ukuba isoni sibe nakho. Uzomemukela uJesu njengoMsindisi wakho siqu manje na? Uzokwenza na? Kulungile. Phakamisa izandla zakho. Kwangathi izono zakho ungathethelelwa zona . . . ? . . .

271 Amen. Uyakholwa na? Bangaki, lapha, oselungele ukwemukela uKristu njengoMphulukisi na? Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe. Ukukholwa kwenu kungaMmisa na? Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, nonke, ufuna ukuphulukiswa, sukumani nime ngezinyawo zenu. Angikhathali

ukuthi yini engalungile kuwe, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Phakamisani izandla zenu.

272 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okungunaphakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, ngiphosela inselelo udeveli ekukholweni okumsulwa.

273 Phuma kulababantu, Sathane! Uhluliwe empini, eGameni likaJesu, bashiye!

274 Phakamisani izandla zenu manje, futhi niMdumise.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,

275 Phakamisani izandla zenu, futhi niMdumise. “Mnikeni udumo, nonke nina bantu.” NiyaMemukela na? Thanini, “Amen.” UyaMemukela njengoMphulukisi wakho na? UyaMemukela njengoMsindisi wakho na? Khona-ke phakamisani izandla zenu, bese nithi, “Akadunyiswe uNkulunkulu.” Nginimemezela ukuthi niphilile, eGameni likaJesu Kristu.

